

# UKUTHONYA



Kholwa kuphela, kholwa kuphela,  
Konke kuyenzeka, kholwa kuphela;  
Kholwa kuphela, kholwa kuphela,  
Konke kuyenzeka, kholwa kuphela.

<sup>2</sup> Asikhothamise amakhanda ethu. Baba wethu waseZulwini, siyaKubonga ngaleliculo, kholwa kuphela! Bukani nje iNkosi yethu ngenkathi Iza kumfana owayenesithuthwane, yathi, “Ngingakwenza, uma ukholwa, ngokuba konke kuyenzeka kulabo abakholwayo.” Nkosi, siza ukungakholwa kwethu kulobubusuku, ngumkhuleko wethu. SiyaKubonga kakhulu ngoBukhona baKho kanye nathi, nangabantu abaKukholwayo nabaKuthandayo. Nokwazi manje, kungesikho ukuthi siyokwazi, kodwa manje siphakanyiselwa ezindaweni zaseZulwini kuKristu Jesu, sihleli ngaseNkosini yethu kulobubusuku, sesivele sihlaliswe ngokwezindawo kanye naYo. O, siKubonga kanjani ngalokhu kuzethemba esinakho kuYo, izethembiso zaYo, sazi ukuthi asisoze sehluleka, ukuthi sihlala njalo siyiqiniso. Sikhulekela ukuthi Uzosivakashela kulobubusuku. Kwangathi uMoya oNgcwele ungathatha iZwi likaNkulunkulu futhi uLehlukanise ezinhliziyweni zethu njengoba nje sidinga, ukuthi uma sesihamba kulobubusuku, siya emakhaya ethu, singahle sisho nalabo ababevela e-Emawuse ngobunye ubusuku, sithi, “Izinhliziyo zethu bezingavuthi yini phakathi kwethu lapho Ekhuluma kithi endleleni na?” Ngokuba sikucela eGameni likaJesu. Amen.

<sup>3</sup> Ningahlala phansi. Ngiyajabula kakhulu ukubuya futhi kulobubusuku, ukukhuluma nani nokuhlanganyela nani, ngasezintweni ezingezikaKristu. Ayikho enye inhloso esinayo yokuba lapha, ngaphandle kokwenza lokho, ukuhlanganyela nje ngaseZwini laKhe.

<sup>4</sup> Ngiyaxolisa nginicine nonke kwaze kwaleyithi kakhulu ubusuku ngabunye. Omunye ungitshelile, uthe, “Abantu baya ekhaya lapha ligamenxe elesishiyagalombili noma ngelesishiyagalolunye nqo, besuka ebandleni.” Kodwa ngi—ngingowaseningizimu nje, futhi ngithi ukunensa, niyazi. Futhi angeke ngicabange ngakho masinyane kakhulu. Ngifanele ngithi ukuthatha isikhathi sami ngakho.

<sup>5</sup> Kodwa ngempela ngiyabonga ngokubambisana okuhle engi—engikuthola kinina bantu phakathi lapha, abakholelwa kuNkulunkulu. Ubambiswano lwenu—lwenu oluhle lwenza kube lula kakhulu, futhi, ukuba uMoya oNgcwele uhambe phakathi kwabantu. Ngifisa sengathi bengingakuthola lokhu yonke indawo, ngi—ngiyafisa, lapho engingathola khona abantu

abakholwayo. Kungakhathaleki ukuthi uNkulunkulu wenzani, ukuthi kungakanani okwesipho Ayokumelela, nizofanele nisikholwe, niyabo, ngoba asisizi ngalutho ngaphandle uma usikholwa.

<sup>6</sup> UJesu ngesinye isikhathi, evela kwelinye izwe, wafika kwabaKhe uQobo. Futhi bathi, “Sizwile ukuthi Wenze *ukuthi-no-kuthi* endaweni ethile,” kodwa-ke Wayengeke enze imisebenzi eminingi yamandla. Manje asithandi ukukusho ngaleyondlela, kodwa yileyondlela umBhalo okusho ngayo, ukuthi Wayengenza... “Wayengeke enze imisebenzi eminingi yamandla, ngenxa yokungakholwa kwabo.”

<sup>7</sup> Futhi amandla kaNkulunkulu anqunyelwe ekukholweni kwakho kuWo. Niyabo? Yilokho kunqunyelwa kuphela anakho, ngukukholwa kwakho. Futhi uma... Konke kuyenzeka kulabo abazokukholwa. Niyabo? Kukhona uNkulunkulu omkhulu eZulwini, futhi uma kuphela besingathola ukuxhumana, njengolayini oqondile oya kuYe, konke kuyenzeka. Niyabo? Kodwa sifanele sixhumane naYe, kungabibikho kuvimbeka ndawo, umgudu ocacile phakathi kwethu noNkulunkulu. Khona-ke Wathi, “Uma uthi kulentaba, ‘nqukuleka,’ futhi ungangabazi enhliziyweni yakho, kodwa ukholwe yilokho okushilo.” Manje, angeke ukukhohlise. USathane akakhohliswa kalula kakhulu, ngakho-ke angeke ukukhohlise. Kodwa uma ukwazi ngempela, khona-ke kuzofanele kwenzeke, niyabo, kufanele kwenzeke nje.

<sup>8</sup> Ngakho-ke silapha, futhi siyaMkhonza, futhi Ungothandekayo futhi omuhle kunakho konke okwezinkulungwane eziyishumi emphefumulweni wethu. Futhi sijabule ngempela ukuhlala lapha kanye nani, kulobubusuku, kulesisikhathi esithandekayo senhlanganyelo.

<sup>9</sup> Manje, nina enithanda ukufunda iZwi, noma ukumaka izindawo. Ngicabangile kulobubusuku, bengishumayela kakhulu impela ngokuphulukisa ngokukaNkulunkulu, ngithi ukuyishintsha indaba kulobubusuku, kancanyana. Kungesikho ngempela ukuyishintsha, kodwa nje ukuyihambisa. Ngoba, ungeke waguqula nelilodwa iZwi eBhayibhelini, ngoba livumelana nje namanye amaZwi kanye naLo. Yonke imiBhalo ilibophela nje ndawonye. Kufana nje ne—ne... .

<sup>10</sup> Uxolo, uma lokhu kuzwakala njengokuhlambalaza okungcwele, futhi bengingekuqonde ngaleyondlela, nhlobo. Kodwa kufana nje nephazili, niyazi. Sasivame ukuthola iphazili endala isikwe yonke—yonke, bese-ke sasihlala phansi futhi sifundisise ukuthi kuhlanganiswa kanjani. Futhi khona-ke sasifanele sibe nokuthile okubekiwe ngaleya eceleni, isithombe salokho esizama ukukhlanganisa, ukwenza iphazili iphume kahle. Uma ungakwenzanga, ubu—ubungeke ukuqede.

<sup>11</sup> Futhi manje ungaleyondlela umBhalo. Usikwe kanjalo, ukuba ufihlwe emehlweni abahlakaniphileyo nabanokuqonda; niyabo, bafana nabaFarisi, izifundiswa ezihlakaniphile. Futhi uJesu wambonga uNkulunkulu ngokuthi (Khona) Wayekufihlile Lokho emehlweni abo, futhi uyoKwembulela izingane zona eziyofunda.

<sup>12</sup> Manje uma ufuna isibonelo sakho, ukubeka eceleni iphethini yakho, ukubona lokho umBhalo ohambisana nakho, bekani nje uJesu ngapha bese niyahamba niyoMbheka, futhi nikubeke eBhayibhelini. Unayo yonke into iphuma kahle, ngoba iyisambulo sikaJesu Kristu. I—iTestamente eLisha neLidala, omabili, onke akhuluma ngoJesu, niyabo, uJesu Kristu iNdodana kaNkulunkulu, ngoba Yena u (yi) leNcwadi yokuHlengwa. WayeyiZwi, futhi UyiZwi, futhi lokho kubophezekile ukuba kube nguYe, niyabo. Ngakho-ke lena yiNcwadi yonke yokuHlengwa, enguJesu Kristu, ebekwe ngokufanele ndawonye nguNkulunkulu; kanye nezithembiso zokuhlengwa nokuphulukisa, nakho konke, kwesidalwa esingumuntu. Niyabo? Niyakuthola lokho manje na? LeNcwadi inguJesu Kristu, ehlanganiswe ndawonye nguNkulunkulu. Niyabo? Futhi Ufika njengesidalwa esingumuntu futhi wahlenga thina, futhi sonke isithembiso sikuYe, nesakho, ngokuba unguMhlengi.

<sup>13</sup> Asiphenye kulobubusuku eTestamenteni eLidala, ukuthola lokho esifisa ukwenza ingqikithi yethu ngakho, njengoba sifunda ku-Isaya, isahluko 6 seNcwadi yomprofethi u-Isaya.

<sup>14</sup> Ngiyakuthanda ukuloba kuka-Isaya. Wayengumprofethi omkhulu. Nake nazi yini ukuthi u-Isaya waloba iBhayibheli lonke, njengesingeniso kuLo na? Wakwenza. U-Isaya uqala ekudalweni, kwimaphakathi neNcwadi kufika uJohane umBhaphathizi, futhi ekugcineni esikhathini seminyaka eyiNkulungwane. Ngakho-ke yena . . . KuneziNcwadi ezingamashumi ayisithupha nesithupha zeBhayibheli, nezahluko ezingamashumi ayisithupha nesithupha zika-Isaya, ngakho-ke kuyisibikezelo impela nje seBhayibheli lonke.

<sup>15</sup> Manje asifunde kusukela esahlukweni 6.

*Ngomnyaka wokufa . . . u-Uziya ngabona iNkosi ihlezi esihlalweni, esiphezulu . . . esiphakemeyo, umsila wengubo yayo ugqwalisa ithempeli.*

*Futhi ngaphezu kwayo kwakumi amaserafi: yilelo nalelo lalinamaphiko ayisithupha; ngamabili lamboza ubuso balo, nangamabili lamboza izinyawo zalo, nangamabili landiza.*

*Elinye lamemeza kwelinye, lathi, Ingcwele, ingcwele, ingcwele, iNKOSI uNkulunkulu wamabandla: wonke umhlaba ugqwalisa inkazimulo yakhe.*

*Izinsika zomnyango zathuthumela ngezwi, lomemezayo, indlu yagcwala umusi.*

*Ngase ngithi, Maye kimi! ngokuba ngiphelile; lokhu ngingumuntu ozindebe zakhe zingcolile, futhi ngihlezi phakathi kwabantu abazindebe zabo zingcolile: ngokuba amehlo ami abonile iNkosi, iNKOSI yamabandla.*

*Kepha landizela kimi elinye lamaserafi, liphethe ilahle elivuthayo esandleni salo, elalilithathe ngodlawu e-altare:*

*Lathinta umlomo wami, lathi, Bheka, lokhu kuthintile izindebe zakho; ububi bakho sebususiwe, nezono zakho zihlanguliwe.*

*Futhi ngezwa izwi likaNkulunkulu... izwi leNkosi, lithi, Ubani engiyakumthuma, futhi ubani engiyo... noma ngubani oyakusiyela na? Ngase ngithi, Nangu mina; ngithume mina.*

<sup>16</sup> Ngifisa ukuthatha indikimba, uma besingayibiza ngalokho, ngendaba yokuthi *Ukuthonya*. Ukuthonya yinto enkulu. Siyatshelwa ngo, mBhalo, ukuthi, “Siyizincwadi ezilotshiwe, futhi ezifundwa ngabantu bonke.”

<sup>17</sup> Futhi thina, njengamaKristu, sifanele njalo sibheke esikwenzayo nalokho esikushoyo, ukuthi siqotho ngokuphelele kuwo wonke umuntu. Futhi wena, uma ungeke wabaqotho kumfo wakini, impela ngeke wabaqotho kuNkulunkulu. Ngakho-ke ukuthi simkhonza kanjani uNkulunkulu, ngukuthi, sikhonzana kanjani thina. Ngobuqotho ebengengingaba yibo kuwe, lokho ngukuba qotho njengoba ngizoba yibo noNkulunkulu. Futhi lokho yindlela efanayo ngawe kimi. Sifanele sibeqotho omunye komunye kubo bonke ubudlelwano bethu.

<sup>18</sup> Futhi othile usibhekile. Ungahle ungakucabangi lokho, kodwa kukhona amehlo akubhekile. Futhi impilo yakho ithonya omunye. Mhlawumbe ngumntwana omncane, futhi lowomntwana angahle akhule ukuba abe ngomunye uFinney, noma uMoody, noma okunye nokunye. Asazi. Kodwa impilo yakho—yakho ithonya othile.

<sup>19</sup> Futhi ukuhlala kwethu kulobubusuku kungukuhlala okukhulu impela kulokhu, ngoba ukukufunda nje kulentambama, ngenkathi bengikufundisisa, bengicabanga ukuthi uNkulunkulu wayemkhulu kangakanani.

<sup>20</sup> Kulokhukusa, lapho mina nendodana yami sibe nokuhamba sizungeza i-ibhilidi, bekukhona abantu abanengi kakhulu. Sehlele ezansi ngaseTown Square, ngokuba bathe bebezoyibhidliza. Ngiyacabanga icon-...u—umsebenzi usuvele uqalile. Ngakho-ke bengibuka kulokho, futhi besithatha

izithombe ezithile. Futhi abantu, beminyene! Ngathi endodaneni yami, uBilly, ngathi, “Bayaphi bonke na? Yini ephuthunyawawo na? Naba lapha, ezansi ngaphansi kwethu, begijima; futhi lapha, begijima; futhi phezulu enhla kwethu, begijima. Ngi... Ngabe wonke umuntu uyaphi ephuthuma kangaka na?”

<sup>21</sup> Futhi lapho sesimile, sicabange lokhu, “UNkulunkulu angayazi kanjani imicabango yawo wonke umuntu na? Futhi bekungenzeka kanjani ukuthi zonke i—izigidigidikazi emhlabeni, kodwa nokho uNkulunkulu wazi sonke isikhathi ocwayizisa ngaso iso lakho na?” Ungongenasisiphelelo.

<sup>22</sup> Futhi uma nje ufuna ukwazi, futhi ukwanelisa lokho nje, uma kuke kufike engqondweni yakho, phuma ubheke phezulu ezinkanyezini futhi uzibuze ukuthi Uzilawula kanjani zonke lezo, khona-ke uyabona ukuthi lokhu bekuyoba ngumsebenzi omncane kanjani. Lapho lezozinkanyezi, ungabona iminyaka eyizigidi eziyikhulu namashumi amabili yebanga lokukhanya, ngengilazi; niyazi ukuthi ukukhanya kuhamba ngokushesha kanjani, ngani, ubungajimisa umugqa wesishiyagalolunye uzungeze isifunda saseNew York, ubungeke ukwephule phansi emamayeleni. Futhi ngaphambi kwalokho yizinkanyezi nje eziningi njengoba zikhona ngakululuhlangothi, lapho eMount Palomar naseMount Wilson lapho eCalifornia, kungabonakala.

<sup>23</sup> Cabangani ukuthi Mkhulu kangakanani, nokuthi Uwubamba kanjani umhlaba! Lomhlaba, noma enye yalezozinkanyezi ibiyohamba endaweni yayo, izigidi nezigidigidiki zamamayela ukuqhela, bekuyothikameza lomhlaba. Wonke lowomgudu ophathelene nelanga uzofanele nje uhlale endaweni yawo. Futhi, niyabo, yonke into uNkulunkulu ayenzile, kanjalo, ilalela uNkulunkulu. Kodwa ngenkathi uNkulunkulu enza umuntu, umuntu ubonakala efuna ukwazi okuningi kunoma Yena azi, niyabo; kungukuthi, yithina kuphela esingaphandle kwendawo. Zihlala endaweni. Futhi zifanele zihlale endaweni, ukulinganisana enye kwenye.

<sup>24</sup> Isibonelo, inyanga, uma inyanga ibiyoke iphume endaweni yayo, umhlaba ubuyogcwala amanzi, emizuwini embalwa. Niyabo, i—inyanga i—njalo ifana nenja yokugada yolwandle. “Wamisa imingcele yalo, ukuthi angeke lwedlule.” Futhi uma inyanga iphenduka isuka emhlabeni, lapha kungena amagagasi. Uma inyanga ingalubambanga ngapho ngakolunye uhlangothi, beluyokwemboza umhlaba. Niyabo? Ngakho-ke inyanga iyama futhi—futhi ifulathele ukuba iqalaze ngakolunye uhlangothi lwezwe, futhi—futhi nakhu kufika amanzi eza ngokukhulu ukushesha, bese-ke iyaphenduka futhi. Iyinceku kaJehova. Ulwandle luyama futhi lubuyele endaweni yalo futhi, ngoba lubona ukuhamba okuphelele kukaJehova.

<sup>25</sup> O, uma thina ebandleni, njengamalungu oMzimba kaKristu, besingasebenza kuphela ngokuvumelana kanjalo, ubuyobona

iBandla elikhulu futhi elinamandla likaNkulunkulu ophilayo, lonke ekuhlekeni okukodwa, ligcwaliswe ngoMoya oNgcwele. Bekungeke yini kumangalise na? Lonke ilungu loMzimba elisebenza nje ngqo endaweni yalo, sonke isipho endaweni yaso, sonke isipho sisiza esinye, lonke ilungu lisiza elinye, lokho bekuyomangalisa. Yilokho esifuna ukukubona. Kodwa sizokubona ngelinye ilanga, futhi uma kulunga.

<sup>26</sup> Manje, lomfo osemncane, u-Uziya, wayeyinkosi. Kodwa ngaphambi kokuba abe yinkosi...Wayeyinkosi ngesikhathi sokubusa kuka-Isaya, umprofethi. Futhi wayengumfana ongumelusi wezimvu; wayeyithanda impilo yangaphandle. Wayengukuthonya okukhulu e—empilweni ka-Isaya. U-Isaya wayengumfo osemncane, naye, umprofethi osemncane nje. Futhi funda indaba, uma ufuna ukuthatha iziKronike zesiBili 26, uzokutshela. Kanjani ukuthi eneminyaka eyishumi nesithupha, emuva kokufa kukayise olungileyo, waba... bamthatha bamenza inkosi phezu kuka-Israyeli. Eneminyaka eyishumi nesithupha waqala ukubusa. Futhi wayekubonile ukuthonya kwabazali bakhe; unina wayengowesifazane owesaba uNkulunkulu, futhi uyise wayeyindoda esaba uNkulunkulu, phambi kwakhe. Futhi, kulokho, kufaka ukuthonya emntwaneni ukwenza lokho okwakulungile.

<sup>27</sup> Nginyantshela. Ngicabanga ukuthi, namhlanje, sinegagasi lobugebengu bentsha elinjalo linqamula isizwe, kodwa, empeleni, ngicabanga ukuthi kuqale ekhaya. Ngi—ngicabanga ukuthi abazali baqala ukudedela. Futhi uma umntwana ekhuliswe kwelihle, eliyifeshini endala, ikhaya elimesabayo uNkulunkulu; angisho ukuthi konke kuyophela, impela akunjalo, kodwa impela bekuyonika lowomntwana uhlobo olukahle lokuthonya. Ngiyacabanga, izikhathi eziningi, lokho, amakhaya abantwana abakhuliswe kuwo ngokungalungile, badedelwe estaladini, futhi bavele baziphilela ngesingabo ngenkathi umama ehleli ebhareneni, noma u... nobaba, nokunye nokunye. Abamna ke keli lomntwana. Enye into, abamthandi futhi bamnike uthando, ukumkhuphula. Usemncane. Uzofanele umfundise ukuthanda nokuhlonipha, nokufunda iBhayibheli.

<sup>28</sup> Ngicabanga ngoSusanna uWesley. Ngicabanga ukuthi wayenabantwana abayishumi nesikhombisa. Ngicabanga ukuthi kunjalo. Kodwa wathola amahora amabili noma ngaphezulu, nsuku zonke, ukuthandaza. Phansi e—ekugcineni kwengubo yakhe, lapho abafana abancane babeguqa bazungeze, okuphuma lapho kukhiqize uJohn noCharles abaguqule indlela yezwe, basindisa izwe ngalolosuku. Futhi wayengenawo umshini wokuwasha noma owokomisa, njengoba sinayo namhlanje, nomshini wokugeza izitsha, nokunye nokunye, noma incekekazi. Into engukuthi...Wakwenza konke qobo lwakhe, kodwa nokho wayengasithola isikhathi ngoba wayebeka ukuthonya kwabanye abantwana okwathi ekugcineni baguqula indlela

yezwe. Ngicabanga ukuthi lowo umama oyifeshini endala, ikhaya eliyifeshini endala, lapho umkhuleko nokuqondwa kweBhayibheli.

<sup>29</sup> Ngiyakholwa, u-Abraham Lincoln akazange abe nencwadi empilweni yakhe, waze wabamdala, kodwa iBhayibheli ne... ngicabanga ukuthi kwakuphakathi kokuthi iFoxe's Book Of Martyrs... ngingahle ngingabi, kungahle kube enye incwadi. Ngicabanga ukuthi kwakuyiPilgrim's Progress, ukuba neqiniso. KwakuyiPilgrim's Progress, ne-neBhayibheli. Niyabona ukuthi hlobo luni lwesimilo lokho okwasibumba na?

<sup>30</sup> Ake ngingene endlini yakho nje futhi ngibone ukuthi hlobo luni lwezithombe onazo odongeni lwakho. Ake ngiye ekhaya lakho noma ehovisi lakho, futhi ake sibone ukuthi hlobo luni lomculo oludlalayo. Niyabo? Okufundayo, okubukayo, ngingakutshela kahle impela ukuthi yini engaphakathi kwakho, niyabo, ngoba uzondla ngalokho. Niyabo? Futhi, o, ekhaya, uma senze ikhaya lathandeka kakhulu, abantwana bebengeke bafune ukubaleka. Benzele izinto eziningi, lapho bezizwa bemukelekile futhi bekahle futhi bethokomele ekhaya; lapho, ekhaya, kul'khuni ukuba balinde baze bafike lapho. Yile yondlela ikhaya elifanele libe yiyo.

<sup>31</sup> Futhi ngicabanga ukuthi yilolohlobo lwekhaya u-Uziya okufanele ukuthi wakhuliswa kulo, ngenxa yokuthonya kwabazali bakhe ababesaba uNkulunkulu. Futhi ngokushesha nje lapho eba yinkosi, washaya indiva yonke imibono yokuthandwa ngabantu nayo yonke imehluko yezombusazwe, futhi wabeka umqondo wakhe entweni eyodwa: wayezokhonza uNkulunkulu, kungakhathaleki! Sidinga abanye osopolitiki abaningi abanjalo. Yena, wayenqumile ukuthi wayezokhonza uNkulunkulu, ngoba yile yondlela ayekhuliswe ngayo, futhi uyise umnika ukuthonya okulungile, ukuthi wa-wayengakhonza uNkulunkulu futhi aphilile.

<sup>32</sup> Futhi umbuso wakhe wawumkhulu kakhulu waze, ngiyakholwa, wawusondele embusweni kaSolomoni. Ngiyakholwa ukuthi wawaziwa cishe ngombuso olandela okaSolomoni. Ukuthi uNkulunkulu wambusisa kanjani!

<sup>33</sup> Futhi lokhu kwaba ukuthonya okukhulu phezu kwalomprofethi osemncane, u-Isaya, owayesethempelini ngalesosikhathi, noma ezweni. Nokuthi wayebonwe kanjani, nokuthi uNkulunkulu wayezombusisa kanjani umuntu othathe isinqumo sokuma esifanele, wayenze into ekahle, wayebe nenjongo ekahle nempokophelo ekahle, futhi wayenze kahle.

<sup>34</sup> Ngezinye izikhathi ungangahle ucabange ukuthi akukhokheli. Kodwa ngempela kuyakhokhela. Kuzofanele kukhokhele. Angeke uye empumalanga nasentshonalanga ngasikhathi sinye. Angeke uye ngakwesokudla nangakwesobunxele ngesikhathi esifanayo. Ungahle ucabange ukuthi uhamba ngenye indlela,

kanti awunjalo. Ngakho-ke uma uzohlela ingqondo yakho—yakho namehlo, nezinjongo nezimpokophelo, empilweni, entweni ekahle, uzofanele uphumele entweni ekahle. Ungeke wehluleke. Niyabo? Yileyondlela kuphela. Akunandaba ukuthi ulingeke kanjani ukwenza olunye uhlangothi, susa ikhanda lakho kukho futhi wenze okufanele. Futhi u—uyazi ukuthi uqinisile; uzizwa ungcono, futhi ungcono. Futhi yilokho kuphela okukhona kukho, ufanele... uzophuma ukahle. Uqala ukuya entshonalanga, awu—awuzukuya enyakatho, uzobe uya... uzobe uya entshonalanga. Futhi leyo yindlela efanayo okuyiyo kokulungile nokungalungile.

<sup>35</sup> Futhi u-Isaya wakubona lokhu, futhi wabona ukuthi uNkulunkulu wambusisa. Nokuthi kanjani yena... zonke izizwe, cishe nxazonke, udumo lwakhe lwahamba lwayothi ngqu phakathi eGibhithe. Futhi ukuthi izizwe zazingafuni kanjani ukulwa naye, za—zabona ukuthi uNkulunkulu wayenaye. Ngakho-ke uvele nje... Zamthumelela iminikelo yokuthula nemihlambi yezimvu, nezinto, futhi—futhi bamnika yona, ukubangela ukuthula. Futhi wayeyindoda elungile.

<sup>36</sup> Futhi ngiyakholwa uma isizwe, noma abantu, noma ibandla, noma umuntu ngamunye, kungenandaba ukuthi abagxeki bakugxeka kangakanani, yenza nje into efanele. Banenhlonipho ngawe, phansi le enhliziyweni yabo. Futhi ngikutholile lokho kuyiqiniso. Niyabo? Futhi yiba qotho futhi uqonde. Abantu bazokuhlonipha lokho. Futhi noma ngabe banephutha, basakuhlonipha, niyabo, ngoba yi—yisidalwa esingumuntu nje. Sonke singabantu, futhi si—siyazi ukuthi kukhona okulungile nokungalungile, futhi sifanele sikuthathe lokho.

<sup>37</sup> Futhi—futhi u-Uziya wawubamba lomgomo. Wayengukuthonya okukhulu, njengoba ngishilo, ku-Isaya umprofethi.

<sup>38</sup> Futhi khona-ke u-Uziya wenza lelophutha elibulalayo, njengabanye abaningi abantu uyakwenza. Lapho ethole, ezizwe evikelekile, ezwe ukuthi unayo yonke nje into esandleni sakhe, wazikhukhumeza emoyeni wakhe. Wazikhukhumeza, waziqhenya. Manje naso isibonelo sangempela sethu sonke.

<sup>39</sup> Uyazi, lokho bekuyinkathazo. Ngi—ngikhuluma kumaKristu na—nabefundisi, futhi ngi—ngifuna ukuba qotho ngalezizinto. Futhi nje yilapho abefundisi abaningi benza khona ngisho iphutha. Sizwile kaningi ngabefundisi, i—izenzo abazenzayo, ne—nezinto, abanye babo mhlawumbe benza izinto abangafanele bazenze. Ngiyacabanga ngezinye izikhathi, bona bayindoda elungile, amaKristu amangalisayo abekade esetshenziswe yiNkosi. Bese kuthi-ke ekugcineni athola umbuso omncane wakhiwe ngakuwo, noma ukuthonya okuningi, abantu abaningi bethamela imihlangano yabo, baze bathole ukuba budedengu, futhi bathola uhlobo lokuzikhukhumeza. Abantu



babashayela ihlombe futhi basukume, futhi—futhi thina—thina asifanele ngempela senze lokho. Thina, khumbulani, sonke nje. . .

<sup>40</sup> Abekho abantu abakhulu phakathi kwethu. Sonke si—singabantwana bakaNkulunkulu, niyabona, uma uNkulunkulu enze abanye bethu into ethile nabanye okunye. Ngani, Wangenza ngaba nomunwe neso, nokunye nokunye. Awu, sifanele sithakaselane, futhi khona-ke ungazami ukuzizwa umkhulu. Ngoba, sonke sixhunyaniswe ndawonye kuNkulunkulu munye, niyabo, futhi sonke siphuma emthini owodwa. Niyabo?

<sup>41</sup> Futhi manje sithola ukuthi, ezikhathini eziningi, abefundisi uthola ukuzizwa nje ethe ukuvikeleka kancane, futhi bayaqhubeka nokuholela phambili, futhi, into yokuqala niyazi, bazokwenza izinto abangafanele bazenze. Futhi siyazi ukuthi, izikhathi eziningi, indoda elungile nekahle izoba kanjalo ukuthi bazoba neziningi kakhulu izindaba zenhlahliswano, bafuna nje ukuphuma baye emaphathini amakhulu, futhi, into yokuqala niyazi, bazobiza isiphuzo esincane, kanye ngankathi, futhi bathola ukuhileleka nezwe. Futhi ngicabanga ukuthi yileyo indaba ngamabandla ethu namhlanje. Ngicabanga ukuthi yileyo indaba ngomnyakazo wePentecostal.

<sup>42</sup> Manje mangibalule lokhu kuqala, ngokusobala. Niyabo? Niyangizwa ngisho izinto ngebandla lePentecostal. Futhi ngiyipentecostal. Niyabo? Kodwa, lapha, bekungathiwani ukuba kwakungekho bantu bepentecostal eNew York, kulobubusuku, bengizoya kuphi ukuyoshumayela loMyalezo na? Niyabo? Ngiyabathakasela abantu bePentecostal. Bangabafowethu nodadewethu.

<sup>43</sup> Kodwa nokho uma ngibona okuthile okungalungile ngomfowethu, umntwana wami, noma kube ngumkami, noma ngabe bekuyini, okulungile kulungile. Umzali oqondile uzoqondisa abantwana babo.

<sup>44</sup> Futhi ngicabanga ukuthi inkathazo ngebandla lethu, sizama ukuthola okuningi kakhulu njenga—ngabanye. Niyabo? Sizama ukuziphathisa okomunye umuntu, niyabo, futhi—futhi siqala ukuthatha siqhubeke nemikhuba yabo. Futhi into yokuqala niyazi, kwakumamise ukuba. . .

<sup>45</sup> Angibakhumbuli abantu bePentecostal ekuqaleni kwabo, kusobala, sebebe neminyaka eminingi edlule, kulomnyakazo wokugcina ukusuka ku-Azusa Street, kodwa ngithathe umlando wakho. Futhi ngi—ngifunde izincwadi eziningi, futhi ngakhuluma namanye amadoda amadala. Ngilungiselela ukuba nomhlangano khona manje nomunye eShreveport, eLouisiana, uzobe elapho, wayengomunye wamadoda okuqala e-Azusa Street. Futhi khona-ke lokho kungukuqala kwephentekoste kulelizwe, cishe eminyakeni engamashumi amahlanu-nento edlule, ngiyacabanga. Ngashumayela ijubili legolide ethempelini

iMcPherson, e-Angelus Temple eLos Angeles, eminyakeni embalwa edlule, ijubili legolide lonyaka wamamashumi amahlanu yephentekoste, manje, niyabona.

<sup>46</sup> Kodwa kusukela lapho, sekube nezinto eziningi kakhulu ezincane ezigaqazela zingena ebandleni, ngoba ibandla lifanele lincikane nezwe usuku ngalunye. Manje, futhi angiqondile uku—ukubuyela kulokhu futhi, ko—kodadewethu, niyabo, abafowethu. Izikhathi eziningi, kwakuvamise ukuba yiminyaka edlule, ukuthi kwakuyiphutha (njengoba ngasho ngobunye ubusuku) ukuba odadewethu bagunde ezabo, izinwele. Kwakuvamise ukuba yi—yindaba yePentecostal, ukuthi babengafanele ukwenza lokho nalezozinto. Kodwa kuyini na? Manje singena ezingxenyeni ezahlukene zezwe, futhi sithola odadewethu bePentecostal nalezozinwele ezigundwe zabayinkimbinkimbi, niyazi, lokho kugundwa kwezizwele okukhulu kanjalo. Futhi ungabatshela ngakho. Futhi basebenzisa izimonyo. Ba—bagqoka izimpahla zokugqoka njengendoda.

<sup>47</sup> Futhi wena uthi, “Manje, Mfowethu Branham, ugcona abesifazane.”

<sup>48</sup> Manje awume kancane, ake ngigcone abesilisa. U—umfowethu oyovumela umkakhe enze lokho, akasuyena umbusi kakhulu phezu kwendlu yakhe. Niyabo? Niyabo? Niyabo?

<sup>49</sup> Awufanele wenze lokho. Kodwa kuyini na? Sincikane kanye nabo bonke, ubuthakathaka obuncane buyangena buvela ekholiji elithile noma esikoleni, futhi banombono ohlukile ngakho. Kodwa kunesibonelo esisodwa zwi esiphelele, lokho ngukuthi, emuva ngqo eBhayibhelini. IBhayibheli liyakulahla lokho, niyabo. Futhi akulungile.

<sup>50</sup> Futhi khona-ke sithola ezinye izinto. Kwakuvamise ukuthi kwakuyiphutha ukuba abantu bobungwele ukuba bahambele amabhayisikobho noma amamuvi, niyazi. Manje bayahamba ngasosonke isikhathi. Niyabo? Futhi khona-ke uSathane ukukhohlisile, ufaka ithelevishini khona ngqo endlini yakho, futhi, uyabo, uyibekile phakathi lapho. Kodwa zonke lezizinto, ukuthi zazivamise ukuba yiphutha.

<sup>51</sup> Awu, kuyini na? Niyabo, kungena kancane kancane kuze kuba, into yokuqala niyazi, sekukutholile nje. Kufana nomvini okhula ngakuwe. Manje, uma uzoqhelisa lowomvini kude nawe, niyabo, futhi nje uzisonge nxazonke ngoJesu, nxazonke ngeZwi futhi uhlale naLelo, uyabo, uzokhula uqonde. Lokho kugwegwile futhi kukudonsela ngaphandle komgwaqo. UKristu ukudonsela phezulu. Lokho kukudonsela emaceleni.

<sup>52</sup> Futhi khona-ke ubona owesifazane oyedwa, njengonkosikazi womfundisi, noma umfundisi, uqala ukwenza into ethize, ibandla lakhe lonke lizothi, “Awu, umfundisi wethu uyakwenza. Umkamfundisi uyakwenza lokho. Kungani thina singakwenzi

lokhu na?" Niyabo, uthonya othile, futhi qiniseka ukuthi ubathonya ngokulungile, ngasemgwaqweni ofanele nezinto okumele zenziwe ezilungile.

<sup>53</sup> Manje siyathola, uma uzikhukhumeza, khona lapho-ke usendleleni yakho eya phansi, uyabo, uma uzikhukhumeza.

<sup>54</sup> Futhi siyathola manje ukuthi lo-Uziya, wazikhukhumeza ngoba wazizwa evikelekile, yonke into imzungezile. Wa—wayenesizwe sakhe, futhi sasinakekelwe kahle, futhi uNkulunkulu wayembusisile. Futhi wayenezivini ezinkulu, nemihlambi nezimvu, ne—nezimayini, nakho konke okunothile. Futhi zonke izizwe saba nokuthula naye. Ngakho-ke u—wazikhukhumeza waze wacabanga ukuthi wayengenza nje noma yini a—ayefisa ukuyenza, nempakamo.

<sup>55</sup> Wazikhukhumeza kakhulu waze wazama ukuthatha indawo yomfundisi. Wangena ethempelini, futhi wathatha isitsha sokuthunqisela impepho futhi waya e-altare. Futhi lapho esekwenzile, umpristi wagijima wamlandela futhi wamtshela ukuthi wayengafanele akwenze lokho. Futhi lapho eqondiswa, esikhundleni sokuba athobe njengoba wayefanele... Ngaphambi kokuba azikhukhumeze, wayeyofanele athi, "Kunjalo, anginalo—anginalo ilungelo lokwenza lokhu," futhi wayeyofanele abeke phansi isitsha sokuthunqisela impepho noma asinikeze umpristi owayengoka-Aroni, owayemiselwe ukwenza kanjalo, owayehlukaniselwe kuphela leyonkonzo.

<sup>56</sup> Ngithi ukuhamba kancanyana ne—laba lapha iFull Gospel Business Men. Abaningi babo bahlezi khona lapha manje. Futhi ngizofanele ngikhulume esidlweni sabo sasekuseni, ngoMgqibelo, ngoMgqibelo ekuseni kwelinye... Ini na? IHhotela iStatler, ngikhulwa ukuthi yilo. Bathe sebevele badayise amathikithi angamakhulu ayishumi nesikhombisa esidlo sasekuseni vele.

<sup>57</sup> Ngakho khona-ke, kungekudala, bengikhuluma nabo. Futhi babekhuphulela osomabhizinisi emsamo, bethatha indikimba yabo futhi beshumayela iVangeli. Ngithe, "Akulungile lokho." Impela akulungile. Kunzima ngokwanele kithina bashumayeli ukuKugcina kuqondile; kungasaphathwa ukuthatha usomabhizinisi ongamiselwe ukwenza into enjalo, ukuthi uletha imibono emincane, nokunye nokunye. Futhi ngithe, "Anifanele nenze lokho."

<sup>58</sup> Ungalokothi uzame ukuthatha indawo yomunye umuntu. UNkulunkulu ukwenze into ethize, futhi hlala uyilokho. Impela. Hlala nje uyilokho nje oyikho. Ungazami ukuzifanisa nomunye. Yilokho okuhlala njalo konakalisa iziphiwo uNkulunkulu azithumelela emhlabeni. Sithola okuningi kakhulu ukuzifanisa ngokwenyama, futhi sithola othize ozama ukukupela emuva komunye.

<sup>59</sup> Njengoba basho kubefundisi oyinenekazi, ngenkathi uNkk. McPherson esaphila, futhi wonke umfundisi wesifazane wayegqoka lezozimpaphe njengoba wayenza, noma ngabe yini okwakuyikho, futhi babeneBhayibheli labo ngendlela efanayo. Futhi yonke into ayeyenza, bayenza.

<sup>60</sup> Siyaqaphela sinoBilly Graham abaningi kakhulu namhlanje! Kodwa niyabo, uNkulunkulu akakaze enze ngaphandle kukaBilly Graham oyedwa. Yilokho kuphela. U . . .

<sup>61</sup> Futhi ubalulekile nje njengoBilly Graham, u-Oral Roberts, noma yiyiphi yalawo madoda adumile. Ubalulekile nje nawe kuze kuba uphuma endaweni yakho, futhi khona-ke awulungile nhlobo, u—wena u—wena uyisithiyo ku—kulababantu, futhi uyisithiyo kuwe uqobo naseMbusweni kaNkulunkulu. Hlala endaweni yakho. Niyabo? Hlala uyilokho uNkulunkulu akwenza khona, uyabo, futhi khona-ke uzosebenza kahle.

<sup>62</sup> NjengoPawulu, akuyilutho entsha, uPawulu wafundisa into efanayo, wathi, “Uma isandla sizothi esweni, ‘ngoba angisilo iso,’ noma indlebe ithi ekhaleni, ‘a—angisophinde ngibe yindlebe, ngoba angisilo ikhala,’” noma okuthize. Wena, angeke ukwenze lokho. Niyabo, konke ngokufanele khaxa kuhlala ndawonye futhi kuhambe njengobunye obubodwa obukhulu.

<sup>63</sup> Futhi asifanele sizame ukuzifanisa nanoma ngubani. Yiba yilokho nje oyikho, niyabo, futhi yileyondlela uNkulunkulu akwenza ngayo. Awuzange uzibumbe. Futhi, khumbulani, kakhulu njengoba thina befundisi besingathanda ukuthatha indawo kaBilly Graham, angeke sikwenze, kanjalo noBilly Graham angeke ayithathe indawo yethu. Niyabo, thina, ngamunye unokuthile ofanele ukwenze. Umfo omncane ojwayelekile lapha okungukuthi mhlawumbe umlindi womnyango, owesifazane omncane okungukuthi mhlawumbe inkosikazi yasekhaya, umfundisi omkhulu kunabo bonke ebusweni bomhlaba namhlanje ubengeke athathe indawo yakho. Wena, uNkulunkulu wayenenhloso ekukwenzeni ukuba yilokho oyikho, futhi ukhonzisa uNkulunkulu nje ngaleyondlela Akwenza ngayo. Niyabo? Futhi ngiyacabanga, noma nje besiyokwenza lokho, amasondo abeyogingqika kalula kakhulu. Yebo, bekuyokwenza, uma besiyokwenza lokho, hhayi ukuzikhukhumeza. Futhi siyathola, esikhundleni so . . .

<sup>64</sup> Uma omunye etshela omunye okuthile, ngokomBhalo, futhi sibone ukuthi kulungile, esikhundleni so—sokuzama ukuzithoba, sithi nje, “Awu, manje, bengi—nginephutha. Ngixolele. Futhi bengi—ngingakuqondile . . .bengi—ngingakwazi lokho, ngakho-ke ngizovele ngiyeke nje ukwenza lokho.” Awu, khona-ke, esikhundleni sokwenza lokho, izikhathi eziningi kakhulu senza njengoba u-Uziya enza; wazizwa sengathi wayemkhulu kakhulu ukuba wayengehliswa, niyabo, wayeyinkosi. Futhi izikhathi eziningi ngibabonile abefundisi

ngaleyondlela, ababezizwe ukuthi babebaluleke kakhulu ukuba batshelwe ukuthi iZwi laliyini, iQiniso.

“Awu, izinsuku zezimangaliso sezedlule!”

<sup>65</sup> Ngingakukhombisa lapho uNkulunkulu amisa khona izimangaliso; manje angeke wangitshela lapho Ake azisusa khona. Niyabo? Futhi Wamisa izipho; awukaze ubone lapho Akususa khona. Niyabo, kusemBhalweni. “Hambani niye ezweni lonke, nishumayela iVangeli kukho konke okudaliweyo.” Kuze kube nini na? “Kulo lonke izwe, kuze kuthi sonke isidalwa silizwe, njengoba abaningi elizwa. Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo.” Niyabo, angeke sabambisa ngokunye okuthize. Thatha nje lokho Akusho, futhi kuzolunga futhi kuzobenza kahle. Kodwa inqobo nje uma sizama ukwamukela izindlela zethu uqobo . . .

<sup>66</sup> Yilapho u-Israyeli enza khona iphutha laba eliwubudedengu kakhulu. Lapho, umusa wawubahlinzekele iNsika yoMlilo, iNgelosi, umhlatshele, futhi wabakhulula, wabathumelela umprofethi, wabathumelela iNsika yoMlilo ukuba ibalandele, ukuba ihole umprofethi endleleni. Futhi lapho befika ku, Eksodusi isahluko 19, lapho bebambise umusa ngomthetho, benza into engubudedenga kakhulu abake bayenza. Niyabo? Kodwa babefuna okuthile ababengazenzela ngesingabo.

<sup>67</sup> Yileyo indlela esingayo. Sifanele sibe neziqo zethu zobudokotela. Futhi awunazo, angeke wangena ebandleni. Yilokho kuphela. Ngakho-ke, futhi sifanele siyifunde into futhi sithole ukuthi ngabe ingekaNkulunkulu yini.

<sup>68</sup> Manje siyathola, u-Uziya wazikhukhumeza, futhi uzokwenza noma kanjani. Wahlwitha isitsha sokuthunqisela impepho futhi wasuka. Akwenzanga noma yimuphi umehluko lokho abapristi abakusho, wayezongena noma kanjani! Futhi kwakumelene nomBhalo. Kwakungesikho ngokombhalo kuye ukuba enze lokho.

<sup>69</sup> Akusikho ngokombhalo kuwe nami ukuzifanisa nanoma yimuphi omunye umuntu. Kunjalo. Ngakho-ke yiba yilokho oyikho, futhi ube ngolungile, futhi ufeze inhloso yakho ukuze abanye bezokubona. Uma ungunkosikazi wasekhaya, yiba owangempela, niyabo. Uma ungu—ungumyeni, yiba ngowangokoqobo, niyabo. Futhi uma ungumdikoni, yiba ngowangokoqobo; noma umshumayeli, noma ngabe uyini. Kodwa ungazami ukuthatha indawo yomunye umuntu.

<sup>70</sup> Futhi khona-ke uma iZwi likwehlisa kulokhu, unga . . . Uma uzizwa ukhuzwa, khona-ke phenduka. Yilokho kuphela, ngukulunga. Yileyo nto kuphela ofanele uyenze.

<sup>71</sup> Kodwa u-Uziya wayengafuni ukwenza lokho. Emva kokuba uNkulunkulu wayembusisile ngendlela Ayenze ngayo, futhi nokho akazizwela ngathi wayezokwenza lokho. Wacabanga ukuthi wayezoqhubeka, akwenze noma kanjani,

ngoba wazizwela ukuthi wayevikelekile. Kodwa ngenkathi esese... Kwathi ukumenza athukuthelele lawomadoda, futhi, eyayimtshela iZwi leNkosi.

<sup>72</sup> Futhi ngenkathi ekwenza, waphuthuma wangena, noma kanjani, futhi sithola ukuthi ebusweni bakhe kufika uchoko. Futhi wayengonochoko waze wafa. Wayengafanele neze aphinde aye endlini yeNkosi. Wafa, engonochoko. Ngemuva kokuba wayebone isandla sikaNkulunkulu, nokuthi uNkulunkulu wayebemuhle kanjani kuye futhi wayenze izinto Ayezenzile; nokho leyondoda yafa, ihlukanisiwe yaba yodwa, inochoko.

<sup>73</sup> Manje singakwenza lokho. Sizibonile izinto eziningi, kodwa ningalokothi nicabange ukuthi sivikeleke kakhulu ukuthi uNkulunkulu angeke abeke ukwahlulela phezu kwethu, niyabo. Niyabo?

<sup>74</sup> Khumbula, ungazami ukuzifanisa nomunye umuntu. Yiba yilokho nje oyikhona. Uma uNkulunkulu akwenza waba yiphentekoste, yiba ngeyangempela, uyabo. Uma—uma uNkulunkulu... Ungabi namahloni ngakho. Anginamhloni ngokuba ngumuntu. Anginamahloni ngokuba ngumMelika. Angi—anginamahloni ngokuba ngumfundisi. Anginamahloni ngeVangeli engilishumayelayo. Ngoba...

<sup>75</sup> Ngiyazi abaningi babo bacabanga ukuthi ngilahlekelwe yingqondo yami. Ngisho nomama wami omuhle omdala olungile, oshone eminyakeni embalwa edlule. Ngenkathi ngiqala ukwemukela uMoya oNgcwele, kwakungekho noyedwa ezweni lakithi ewayazi noma yini ngaWo. Futhi ngangingowendawo nje, omncane, umshumayeli weBaptisti osemncane cishe iminyaka engamashumi amabili ubudala. Kodwa ngenkathi ngemukele uMoya oNgcwele, umama wami wathi, “Lowo mfana ulahlekelwe yingqondo.” Niyabo? Kodwa akunandaba ukuthi umama wayecabangani, ngangithole lelo Parele elinenani elikhulu. Kungahle ukuba kwabonakala kanjalo kuye, kodwa kimina Kwakungokwangempela. Niyabo, Kwakunjalo. Kwakuyinto ethile yangoqobo leyo—leyo engangiyitholile kuNkulunkulu.

<sup>76</sup> Ngoba, ngangikholwa njalo, njengomfana, ukuthi leli kwakuyiZwi likaNkulunkulu, futhi Lalingasoze liguquke. UJesu wathi, “Kodlula amazulu nomhlaba kepha amaZwi aMi awasoze aguquka. ALisoze ladlula.” Ungeke wabambisa nganoma yini kuLo. Lingendlela nje Elilotshwe ngayo, futhi yileyondlela esiLikhholwa ngayo. Ungenezeli lutho, noma ususe lutho kuLo. Uyazi, ngale eNcwadini yeSambulo, Lathi, “Oyokwenezela izwi, noma asuse noma yini kuleNcwadi, (ini?) isiqalekiso siyoba phezu kwakhe.” Ngakho-ke lihlalise nje ngendlela eLiyiyo, futhi uLikhholwe kanjalo, futhi uNkulunkulu uzolihlonipha.

<sup>77</sup> Manje washaywa ngenxa yokuzikhukhumeza ngokuziqhenya. Waba nokuzwa ukuthi kwakukhona...

kwakunguye kuphela owayekhona, futhi wayezokwenza lokho ayekufisa futhi akukho muntu omunye owayengamvimba.

<sup>78</sup> Sibe nomfowethu, kungekudala, engamdabukela. Kwakubukeka sengathi wonke umuntu wehlela kuye. Bamsola umfowethu ngokwenza okuthile okuyiphutha, okungukuthi iphephandaba lakusola. Kodwa nga—ngacabanga ngalokho, bayisola indoda na? Ngayisukumela ngempela, ngoba...a—angivumelananga nayo. Kodwa indoda eyabhala udatshana futhi yalufaka kwiphephabhuku, ukuthi lendoda yayisho zonke lezizinto ezahlukene futhi yenza lezizinto.

<sup>79</sup> Futhi ngobunye ubusuku emhlanganweni e—eMinneapolis, bangitshela ukuthi umbhali waleliphephabhuku wayelapho. Futhi udatshana lwalukade lalusanda kuphuma kwiphephabhuku iChristian, ngakho-ke mina... KwakuyiChristian digest. Ngakho-ke mina... Bona, bakhomba indoda ngaphandle, kimi, bathi, “Nguye lowo ohlezi *lapho*.” Futhi wayenakho kuloludatshana, ukuthi lomfundisi wayebhale okuthile, incwadi indoda eyayingayibhalanga. Ngiyakwazi. Inenekazi labhala leyoncwadi, futhi ngangilazi inenekazi. *Biting Of Devils*.

<sup>80</sup> Ngakho-ke nga—ngathi, “Awu, manje, into eyodwa engingayisho. Manje, ngingahle ngingavumelani nomfundisi, kodwa ngiyacabanga, uma u—uma umhleli waloluhlu, uma engazange ahlole umbhalo wakhe akungcono kunokuthi athi lendoda yabhala loludatshana, futhi ngiyazi ayikwenzanga, niyabo, khona-ke ngiyesaba ezinye izinto eziningi azishilo ngalomfundisi ziyiphutha.” Futhi khona-ke ngasho lokhu, “Ngingaqoka ukutholakala ngisho nginephutha, ngokuzama ukuthola umuntu othize ukuba asindisiwe, kunokuzama ukuvimbela umuntu othize ozama ukuthola umuntu othize asindisiwe.” Ya.

<sup>81</sup> Ngingaqoka ukuthatha indawo yomuntu, noma ngasiphi isikhathi, kunokuzama ukugxeka noma ngidicilele phansi lokho omunye umuntu akwakhayo, ngisho ngabe be—benze iphutha noma benze okuthile okungalungile. Ngakho-ke sifanele sibheke, sithonya abanye ngalokho esikwenzayo.

<sup>82</sup> Khona-ke kwathi lapho lendoda ishaywe ngaloluchoko, lapho isizikhukhumezile ngokuziqhenya, lesi kwaba isifundo esikhulu kulowo mprofethi osemncane. Wathola ukuthi, ngalokhu kuyisifundo esikhulu kuye, ukuthi uNkulunkulu uyala umuntu waKhe endaweni. Niyabo? Umuntu angeke aziyala yena. UNkulunkulu uyala umuntu waKhe. UNkulunkulu ukwenza ube yilokhu oyikho. Niyabo? Futhi uNkulunkulu uyala umuntu waKhe, futhi akafanele azame ukuthatha indawo yomunye umuntu. Futhi kwakuyisifundo ku-Isaya, ukuthi akumele abeke amehlo akhe phezu kwezidalwa ezingabantu njengesibonelo. Ufanele abeke amehlo akhe kuNkulunkulu.

<sup>83</sup> Manje lowo yithina. Noma yimuphi umuntu, noma yimuphi umuntu usengaphansi kokwenza amaphutha. Usengaphansi kokwenza iphutha ngoba ungumuntu. Ungaphansi kokwepfulwa komthetho kaNkulunkulu. Futhi ungaphansi kwezinto eziningi, ngoba uSathane uyamlinga, futhi uyisidalwa esingumuntu nje. Futhi uma uNkulunkulu eke waphakamisa izandla zaKhe, ubeyokuwa. Yilokho kuphela.

Futhi ngibezwile abantu bethi, “O, uSathane angeke akwenze lokho.”

<sup>84</sup> Yebo, wena vumela uNkulunkulu nje aphakamise isandla saKhe kanye, futhi ubheke ukuthi kwenzekani. Kungu... Ngincenga njalonjalo, “Nkulunkulu, ungamthumeli. Ngihawukele. Msuse kimi,” niyabo. Ngi—ngidinga isihawu sikaNkulunkulu. Futhi sonke siyakudinga lokho.

<sup>85</sup> Manje siyathola ukuthi, u-Isaya, wayencike kanzima engalweni yenkosi elungileyo, futhi manje ingalo yayisusiwe kuye; futhi inkosi yayifile, futhi yafa ngochoko, ehlazweni. Manje, u-Isaya, ngalesisikhathi, inkosi ephakanyisiwe, awu, khona-ke indodana yayo encane yayizothatha indawo. Futhi siyathola ukuthi—ukuthi abantu bangena e—esigabeni esonakeleyo esesabekayo.

<sup>86</sup> Uma engekho umholi wangempela owesaba uNkulunkulu, khona-ke abantu baqala ukungena ekonakeleni. Ngicabanga ukuthi yileyo indaba ngathi namhlanje, esizweni sakithi, emabandleni ethu, nezinto. Sidinga abaholi abesaba uNkulunkulu, umuntu othile obeka isibonelo.

<sup>87</sup> Futhi, kodwa Wadedela u-Isaya azi lapha ukuthi angeke abuke kubantu. Ngakho u-Isaya, ngeliny’ilinga, lapho ezulazula, kufanele ukuthi wayenakho konke ukukhathazeka, azi ukuthi wayenomthwalo omkhulu, wehlela ethempelini ukuyokhuleka. Manje leyo yinto enhle ukuyenza, kithina sonke. Wehlela ethempelini ukuyokhuleka.

<sup>88</sup> Futhi siyaqaphela ngenkathi esakhuleka ezansi e-altare. Khona manjalo, engumprofethi, wawela embonweni. Futhi, lapho ekwenzile, wabheka phezulu futhi wabona uNkulunkulu, iNkosi, ihlezi phezulu le, iphakanyisiwe, phezulu esihlalweni saYo sobukhosi, nomsila wengubo yaKhe ugcwalise indawo, niyabo. Khona-ke wabona isibonelo sangempela. Wabona Lowo ayengabeka ithemba lakhe kuye, elingasoze lashaywa ngochoko, Lowo ongasoze wehluleka. Ngamany’amazwi, Wayethi ku-Isaya, “Uyabo, ubeka ithemba lakho kumuntu othile, futhi lehlulekile. Ubeka okwakho... ubheke kulomuntu okwesibonelo, futhi—futhi wehlulekile. Manje bheka phezulu Lapha, kiMi, nginguNkulunkulu ongehluleki.”

<sup>89</sup> Futhi ngi—ngicabanga ukuthi yilokho ebesifanele sikwenze namhlanje, njengezinceku zaKhe, sifanele sibheke kuYe. UJesu



uyisibonelo sethu. Futhi sifanele sibheke kuYe, uMqalisi noMphelelisi wokukholwa kwethu.

<sup>90</sup> Manje siyathola, kulombono, ukuthi wabona uNkulunkulu ephakanyiselwe phezulu esihlalweni sobukhosi. Khonake waqaphela enye into. Qaphela, okuMzungezile, futhi ethempelini lapho Ayekhona, kwakuyilawa maSerafi aseZulwini.

<sup>91</sup> Uma ubungahlola lelogama, ngicabanga ukuthi lisetshenziswe cishe kanye noma kabili eBhayibhelini. Futhi aku—kusiwo amaKherubi, kodwa aseduze kwamaKherubi. Okuthile okufana nesiDalwa esiyiNgelosi; futhi nokho akuyona iNgelosi, futhi yiNgelosi, kodwa nguMuntu okhethekile. Lokho Ayikho, Angabashisi bomhlatshelo, eBhayibhelini. Futhi lapho umhlatshelo, kusobala, ungenisa noma uholela phakathi i. . . wenza indlela yesoni, ukuya ebungweleni. Futhi lamaSerafi eshisa umhlatshelo owawudingeka, A—Aya e. . . Lowo kwakungumsebenzi Wawo.

<sup>92</sup> Futhi Ayelapha, endiza edabula ethempelini ngenkathi u-Isaya wayesembonweni, nethempeli lonke lagcwala umusi. Futhi Ayememeza, Elinye kweLinye, “Ingcwele, ingcwele, ingcwele, iNkosi uNkulunkulu uSomandla! Ingcwele, ingcwele, ingcwele!” O, ngamany’amazwi, “Kukhona Okuthile okungeke kuwe. Naso isibonelo sakho. Nanso iNkosi ukuba ubuke kuyo. Ingcwele, ingcwele, ingcwele, iNkosi uNkulunkulu uSomandla!”

<sup>93</sup> Futhi siyathola manje ukuthi lezi kwakuyizidalwa ezinamaphiko ayisithupha. Futhi manje sizofundisisa isizathu sokuba namaphiko ayisithupha. Ayena, siyathola, Ayenamabili phezu kobuso baWo, amabili phezu kwezinyawo zaWo, futhi ayendiza ngamaphiko amabili.

<sup>94</sup> Manje qaphelani, kuqala, ukuthi lezizidalwa zazikhonza eBukhoneni bukaNkulunkulu. Futhi lowo kwakungumsebenzi waWo, zazimemeza, “Ingcwele, ingcwele, ingcwele, iNkosi uNkulunkulu uSomandla!” Futhi Ayememeza, imini nobusuku, eBukhoneni baKhe, lapho umhlatshelo ulele lapho. “Ingcwele, ingcwele, ingcwele iNkosi uNkulunkulu uSomandla!”

<sup>95</sup> Futhi ngifuna niqaphelelisise okuthize lapha, futhi nicabange. Lawo maSerafi ayenamaphiko amabili phezu kobuso baWo. Kungani Ayeyowabeka phezu kobuso baWo na? Ngoba AyeseBukhoneni bukaNkulunkulu. Futhi cabangani nje, uma iziNgelosi ezingcwele idingeka ukuba zimboze ubuso baZo, eBukhoneni baKhe, kuthiwani ngathi na? Zinamaphiko phezu kobuso baZo, kwakumelele inhlonipho yokuzithoba.

<sup>96</sup> Kodwa, namhlanje, sithola ukuthi akukho nhlonipho yokuzithoba. Kunzima ukuthi uthole inhlonipho yokuzithoba. Abanayo inhlonipho ngoNkulunkulu. Bayama futhi bacule

*Nkulunkulu Busisa iMelika*, nonyawo lwabo ebhareni. Futhi kubi kakhulu, indlela abenza ngayo.

<sup>97</sup> Ngihambile ngayocela isemishi, namhlanje, e—endaweni. Futhi inenekazi elincane, kungesikho ukungenzi kuphawula ngalo, kodwa ngicabange ukuthi belifa. Belibukeka sengathi belidlekile ngaphansi kwamehlo alo, belinokuluhlaza sasibhakabhaka nxazonke kulo. Futhi—futhi ligijime lenyuka, ligqoke izingubo ezimbalwa nje, futhi lithe, “Ufunani na?”

<sup>98</sup> Ngathi, “Ungangilethela isemishi ne—e—e—e—ingilazi yombhobe na?”

Futhi lithe, “Ugologo” entweni ethize, uhlobo oluthize.

<sup>99</sup> Ngathi, “Qhabo, mem. Ungiqonde ngokungeyikho.” Ngathi, “Ngithe, ‘umbhobe.’”

Futhi lithe, “O,” lithe, “angeke ube nokuthize okuphuzwayo na?”

Ngathi, “Ngifuna umbhobe.”

<sup>100</sup> Futhi lithe, “Awu, nina nonke, anifuni. . . Ebusuku sinikeza *ukuthi-nokuthi*.”

Ngathi, “Ngingumfundisi.”

<sup>101</sup> Lithe, “Awu, owethu. . . Awu, abapristi bethu oyiKatolika bayangena lapha futhi baphuze.”

<sup>102</sup> Ngathi “Angi—ngisuye umpristi oyiKatolika, nenekazi. Ngi—ngifuna. . . ngifuna ingilazi yombhobe.” Kubonakale sengathi kumshaqisile owesifazane. Akazanga ukuthi bekuyini. Niyabo?

<sup>103</sup> Futhi izwe selingene endaweni enjalo. Manje uma umpristi engena futhi aphuze, ibandla linelungelo lokuphuza; naso isibonelo sakho, niyabo. O, he, ukonakala okunje esiphila kukho! Sidinga ukuhlanzwa kwendlu, yonke indlela kusukela epulpiti kuya e. . . Ya. Yebo, mnumzane, impela siyakudinga. Kukanjani ukonakala kwezwe!

<sup>104</sup> Futhi lezi, akukho nhlonipho yokuzithoba, akukho zinhlonipho! Abantu namhlanje, abamhloniphi uNkulunkulu. Abananhlonipho yokuzithoba. Bathatha iGama laKhe ngeze, futhi baxoxa amahlaya angcolile. Futhi—futhi ngisho nabefundisi uyakwenza lokho. Ukuzwa i—ihlaya, ngiqagele bekuyolunga. Kodwa abefundisi bafanele babe yizibonelo, ngiyacabanga, ngalokho koku—kokulunga nobungcwele. Futhi yingalesosizathu ngicabanga ukuthi mhlawumbe thina—thina asiyi kude kunoma senza; asinjalo, asizi kanje, ubuqotho ebesifanele sibe nabo kukho. Uma niqhubeka, futhi niqhubekela phambili, nilahlekelwa yilolohlamvu oluncane lobuqotho, niyazi. Kukhona okuthile ngakho.

<sup>105</sup> Ufanele ukhumbule ukuthi uNkulunkulu ukubhekile, ngalolonke ihora. Ukubhekile lapho ulele. Manje, ngicabanga

ukuthi isizathu esenza abantu benze lezozinto kungenxa yokuthi, bona—bona—bona, ababuzwa uBukhona baKhe, niyabo. Kodwa nokho Ulapho, noma ngabe ucabanga ukuthi Ukhona noma qhobo. Ubona konke ukubuka okwenzayo, nawo wonke—wonke umnyakazo owenzayo. Wazi konke ngakho. Kodwa sifanele sikuqonde lokho.

<sup>106</sup> Sasivamise ukuba neculo elincane, ngenkathi ngiqala ukufika phakathi kwamaPentecostal, ayelicula.

Njalo emgwaqeni oya ekhaya langempela  
lomphefumulo,  
Kukhona Iso elikuqaphele;  
Zonke izinyathelo ozithathayo, leliSo elikhulu  
liphapheme,  
Kukhona Iso elikuqaphele.

Niyabo? Niyalikhumbula iculo na? [Ibandla lithi, “Yebo.”—Umhl.] Manje lelo yiqiniso.

<sup>107</sup> UNkulunkulu osezindaweni zonke uyazi ukuthi wenzani, futhi ngisho nemicabango yakho. Ngesinye isikhathi ngisesembonweni, ngangikhuluma nesiDalwa simi ngakimi; futhi Saphendula, Sathi, “Imicabango yakho izwakala kakhulu emaZulwini kunephimbo lakho emhlabeni.” Uyazi ukuthi yini oyicabangayo. Ungahle uthi we—wenza *lokhu* futhi wenza *lokho*, futhi *khona*, kodwa, uyabo, phansi enhliziyweni yakho, uma ucabanga okwehlukile, we—wenza okuthile okungalungile. Ufanele nje ube yilokho oyikho, niyabo, i—inhliziyo. Umlomo ufanele ukhulume lokho okusenziliziyweni. Niyabo? Futhi ngakho—ke siyathola ukuthi abantu ababuqondi u—uBukhona bukaNkulunkulu.

<sup>108</sup> Niyazi, bebefanele babe njengoDavide, wayengumuntu wenhliziyo kaNkulunkulu uQobo. Wathi, “INkosi ihlala njalo iphambi kwami.” Nomaphi lapho eyakhona, uyakhumbula uNkulunkulu uhlala njalo ephambi kwakhe. “Ungakwesokunene sami, futhi angiyikunyakaziswa,” ngoba uNkulunkulu ungakwesokunene sakhe.

<sup>109</sup> Inhlonipho yokuzithoba! Besifanele sazisane, sihloniphane, njengomfowethu, udadewethu. Futhi sithandane, ngothando olungapheli. Wena uthi, “Awu, angeke nje.” Awu, hlala nje *lapha* isikhashana, futhi khona—ke uzobathanda abantu, nawe. Uzobathanda labo abangakuthandi. Lolo uphawu oluhle lobuKristu: lapho ungakwazi, ngokusuka enhliziyweni yakho, ukuthanda labo ongakuthandi. Ukuthanda abangathandeki.

<sup>110</sup> UJesu wathi, “Uma wenza okuhle nje kulabo abakwenzela okuhle, awu, abathelisi benza into efanayo.” Kodwa, niyabo, ufanele ube nomusa kulabo abangenamusa kuwe. Yenza okuhle kulabo abayokwenza okubi kuwe. Khumbula lokho ngaso sonke isikhathi. Kugcine lokho phambi kwakho, ukuthi uNkulunkulu ukubhekile. Khumbula, uNkulunkulu wayelungile kuwe

ngenkathi wena wawumubi kuYe. “Ngenkathi niseyizoni, uKristu wanifela.”

<sup>111</sup> Manje siyathola, ukuthi, lamaphiko phezu kobuso baWo kwakungenxa yokuthi AyeseBukhoneni bukaNkulunkulu, ngenhlonipho yokuzithoba. Futhi uma iSerafi elingcwele lifanele lifihle ubuso baLo ngemuva kwesembozo esikhethekile, Lelo elingazi sono, alikaze lone, kodwa nokho eBukhoneni bukaNkulunkulu oNgcwele lalifanele licashise ubuso baLo obungcwele eBukhoneni bukaNkulunkulu, uyokwenzenjani umzenzisi ngaloloSuku na? Uzokwenzenjani umhlubuki ngaloloSuku na? Uyokwenzenjani ongamesabi uNkulunkulu ngaloloSuku, lapho ufika na? Futhi uyodingeka ubhekane naYe.

<sup>112</sup> Yinye kuphela into. Wena uthi, “Kodwa Akazange angenzele amaphiko okumboza ubuso bami.” Kodwa Wachitha iGazi leNdodana yaKhe uQobo, ukuze ukwazi ukumboza ubuso bakho ngalo. Kunjalo. Leso yisembozo kuphela Anaso esintwini, yiGazi likaJesu Kristu.

<sup>113</sup> Manje, okwesibili, Ayemboze izinyawo zaWo ngamaphiko, ngaphansi kwezinyawo zawo. Manje lokho kwakumelele ukuzithoba. O, kunegama elilahlekile namuhla, kubantu abaningi. Ukuzithoba eBukhoneni baKhe. Sizithobe eBukhoneni baKhe.

<sup>114</sup> Ngibone uMoya oNgcwele ungena egumbini futhi—futhi wenza futhi wenza zona kanye izinto iBhayibheli elathi Uyozenza, ukwahlukanisa, futhi ngibabonile abantu besukuma futhi baphume. Ngibabonile abantu behlala futhi bekhuluma, futhi bahleke futhi bahlekise ngaWo, ngenkathi wawusaqhubeka.

<sup>115</sup> Ngiyakhumbula ngobunye ubusuku, umfundisi waletha abangamashumi amabili nesishiyagalombili bebandla lakhe, futhi wayehlezi. Lokhu kwakuseJonesboro, e-Arkansas.

<sup>116</sup> Futhi babenomfana onesithuthwane, wayenesithuthwane. Futhi lowo ngudeveli. Ngudeveli. Yilokho okuyikho. Abazi, odokotela abazi ukuthi yini okusenzayo. Ngu—ngudeveli. Futhi bafaka i. . . uphini wezingubo ne—nendwangu isongelwe kuwo; uma enalokhu kudlikiza, bayokuphosa emlonyeni womfana, ngoba ubeyohlafuna ulimi lwakhe kanjalo. Futhi bakhuphula umfana, futhi—futhi wayenalokhu kudlikiza khona lapho emsamo. Kusobala, uma bethola ukwesasa okuncanyanyana, babezongena koyedwa. Ngakho ngenkathi sisalungiselela ukukhulekela umfana, ngathi, “Ngabe wonke umuntu uzokhothamisa amakhanda abo ngenhlonipho yokuzithoba na?” Futhi nga—ngamkhulekela, futhi u—umoya wawungamyeki umfana.

<sup>117</sup> Futhi ngaqalaza, futhi ngabona iqembu elincane lihlezi endaweni. Ngathi, “Ungalikhothamisa ikhanda lakho na?” Ngathi, “Ufanele ulalele.” Ngathi, “Lowo bekungumyalo, ‘Uma

uthola abantu ukuba bakukholwe, bese-ke ubaqotho lapho ukhuleka.” Ngathi, “Ungalikhothamisa ikhanda lakho na?” Lowomfo wavelé wangihleka.

<sup>118</sup> Futhi ngakho-ke ngaphenduka, kodwa, lokhu, kwakungeke kumshiye umfana. Futhi manje lokhu kwakungamakhulu abantu, okuphindwe kahlanu kwalokhu okuhlezi lapha kulobubusuku, ehlezi lapho, yebo, izikhathi eziningi. Basho ukuthi kwakukhona abantu abayizinkulungwane ezingamashumi amabili nesishiyagalombili lapho. Ngakho-ke—ngakho-ke kwakukhona—kwakukhona, bonke babe . . .

<sup>119</sup> Futhi khona-ke ngathi, “Mina—mina beningeke ngikwenze lokho, mnumzane.” Futhi wayesonta e—ebandleni elalivele nje lahleka ukuphulukisa ngokukaNkulunkulu, akakholwa ukuthi kukhona into enjalo.

<sup>120</sup> Ngakho-ke ngaqalaza. Lowo mfana bandla, umphimbo wakhe uphumile. Nomama wakhe ezama ukumpongoloza, yena ekhala kanjalo. Nomfana ezama ukugwinya, futhi eqhubeka.

<sup>121</sup> Ngathi, “Baba waseZulwini, ungamvumeli lomfana ongenacala ahlupheke ngenxa yaleloqembu elinecala, niyabo.” Ngathi, “Lelo bekuyiZwi laKho—iZwi laKho, futhi ngi—ngibeqotho futhi ngibatshelile. Futhi abaningi kakhulu abanesithuthwane uye waphiliswa lapha emhlanganweni.” Ngathi, “Ungamvumeli lomfana ongenacala adingeke ukuba ahlupheke. Unina noyise bamlethile lapha. Ngikhulekela isihawu.”

<sup>122</sup> Khona-ke ngaphenduka, ngathi, “EGameni leNkosi uJesu, ngokukholwa, ngokomyalo wami engiwunikwe nguNkulunkulu uSomandla, lodeveli angeke umbambe lomfana. Ukhululekile, niyabo. Uma ukungalaleli kuzoba ukungalaleli, khona-ke ukhululekile ukuya kubo, kodwa phuma kulowo mfana.”

<sup>123</sup> Futhi ngabona abantu abangamashumi amabili nesishiyagalombili, nomfundisi wabo, bewela esithuthwaneni, bezungeza ngqo futhi bezungeza, futhi bezungeza futhi bezungeza, kwiphansi kanjalo. Futhi ngokwazi kwami, basenaso, niyabo.

<sup>124</sup> Manje, niyabo, awufanele ungabi nenhlonipho yokuzithoba. Nifanele nizithobe. Bangaki kini obekade esemhlanganweni futhi ababone izinto ezifanayo zenzeka emihlanganweni yami na? Nje, ngani, niyabo. Impela. Yebo, mnumzane.

<sup>125</sup> Ngesinye isikhathi baletha indoda ukuba izongithwebula. Ngiyacabanga abaningi benu uyakukhumbula lokho. Futhi ba—babeyoyikhiphela ezinkambini zombutho, futhi—futhi bathatha lamasosha bese bewathwebula, ukuwenza akhonkothe njengenja. Futhi babezohlekisa ngami. Ngakho-ke ngangisehholo elikhulu, futhi baletha lendoda. Futhi—futhi ngezwa, ngenkathi umugqa womkhuleko usuqalile, kwakukhona umoya omubi ndawo ndawo.

<sup>126</sup> Ungabakhetha njalo nalowo ongabazayo. Bacabanga ukuthi abakwenzi. Kwakuyikho. Ungakuzwa. Kwehlukile.

<sup>127</sup> Ngakho khona-ke ngangingasho ukuthi kwakukuphi, kodwa angibonanga nje ukuthi indoda yayikuphi. Emva kwesikhashana, ngakuthola futhi ngabona ukuthi kwakuyini. Ngakubuka lobo bumnyama bulenga phezu kwayo. Futhi ngangingafuni ukusho lokho, kodwa ngavele ngaphendukela kuyo, ngathi, “Mntwana kadeveli,” niyabo, “kungani udeveli efakile engqondweni yakho ukwenza lokho na? Ngoba ukwenzile lokho,” Okuthile kwakusho ngaphakathi kimi, “bazokuthwala bakukhiphe lapha.” Futhi isakhubazekile namanje. Niyabo?

Incwadi iletha emva kwencwadi iletha, “Woza kuye!”

<sup>128</sup> Ngathi, “Into kuphela engiyaziyo, ngukuphenduka. Niyabo, angizange ngikwenze lokho. Lokho kwakungukungahloniphi ngokuzithoba phambi kukaNkulunkulu.” Niyabo? Manje ningakwenzi lokho. Si . . .

<sup>129</sup> Sifika ezikhathini lapho abantu ecabanga ukuthi lobu bungwele obuphambi kukaNkulunkulu uhlobo oluthile nje lwembhuqo, noma uhlobo oluthile lwe—lwesigejane sabantu ongazi, uhlobo oluthile lwenkoleloze noma uzalo, noma okuthile. Kodwa ake ngikuqinisekise, mfowethu! Kungahle kube nenqwaba yembhuqo. A—angisho ukuthi ayikho; a—a—angeke ngikusho lokho. Ngingumuntu nje. Angifanele ngehluhle. Ngingumshumayeli nje. Kodwa ukhona uMoya oNgcwele wangoqobo, aMandla oqobo obuphostoli kaMoya oNgcwele. Futhi emazweni angaphandle, futhi izinyanga-bathakathi nezinto zivuka, labodeveli, ukuphonsela inselelo. O, ukuba nje besinga . . . ngizokwephula indaba yami lapha, ukuhamba nginitshele ngalezizinto. Nani na? UMoya oNgcwele, angikaze nakanye ngiWubone wehluleka ukukwenza. Uzokwenza ngaso sonke isikhathi.

<sup>130</sup> Qaphelani manje, abeka, ayenamaphiko phezu kwezinyawo zawo ngentobeko. Asithandi ukuzikhothamisa. Sifuna ukucabanga ukuthi singumuntu othile.

<sup>131</sup> Ngiyakhumbula lapha kungekudala, ngangisemnyuziyemu omncane, futhi—futhi babenoku—ukuhlaziya kwendoda enesisindo samaphawondi ayikhulu namashumi amahlanu, ukuthi umzimba wayo wawubiza kangakanani kumakhemikhali. Ngikholwa ukuthi kwakungamasenti angamashumi ayisishiyagalombili nane, indoda esinda amaphawondi ayikhulu namashumi amahlanu, amakhemikhali emzimbeni wayo—wayo. Yayinekhalsiyamu isakhimathambo esithile, no—umcako omncane ngokwanele mhlawumbe ukufafaza isidleke sesikhukhukazi, nokunye nokunye. Lokho nje cishe yikho konke e—eyayinakho kuyo, isinda amaphawondi ayikhulu namashumi ayisishiyagalombili nane . . . noma

ngiqonde amasenti angamashumi ayisishiyagalombili nane, isisindo esingamaphawondi ayikhulu namashumi amahlanu.

<sup>132</sup> Kwakunezinsizwa ezimbili ezazimile lapho, zibuka lokhu. Futhi ngangimi ngemuva kwazo ngqo, lapho eyodwa yazo yathi, “Awu,” yathi, “John, asibizi kakhulu kangako emva kwakho konke, siyabiza na?” Futhi wathi, “Ngiqagele asinjalo.”

<sup>133</sup> Futhi ngathi, “Awu, bafana, lelo yiqiniso, niyabo, anibizi kakhulu kangako kumakhemikhali. Kodwa ninomphefumulo ngaphakathi kwenu, niyabo, lokho kubiza amazwe ayisigidi, niyabo.” Kunjalo. Niyabo?

<sup>134</sup> Kodwa nokho si—sifuna ukunakekela, sithola ukuziqhenya kulamasente angamashumi ayisishiyagalombili nane, sikusonge ngebhantshi lesikhumba sesilwane elibiza amadola angamakhulu amahlanu, futhi—futhi siphakamisele ikhala lethu emoyeni, futhi sicabange ukuthi se—senza okuthile. Angiqonde khona ukuhlekisa. Leli akusilo ihlaya. Lokhu, lokhu nje ngukunitshela ukuthi siyini. Niyabona, si—si—si . . .

<sup>135</sup> Asinakho ukuzithoba. Asifuni, futhi abantu abafuni. Wena uyahamba ngesinye isikhathi kubantu abagqoke kahle impela ebandleni, ba—bazongena; futhi uma ungagqokile nje kahle, bazokubuka bese beyakhuluma, uyazi. Futhi kwenza okwakho . . . Abafanele benze lokho, futhi bezisho ubuKristu. Ngi—ngi—ngicabanga ukuthi kungukuzisho futhi hhayi ukuba nakho. Ngoba ngikholwa ukuthi i—isipiliyoni sangempela sakudala kanye noNkulunkulu sizokwenza ibhantshi ledina ligaxe izingalo zalo kwi-ovaloli, bese ethi, “mfowethu.” Ngi—ngiyakukholwa ngempela. Yiqiniso. Ingubo kakaliki nekasilika, izobiza, “dadewethu.” Yebo, mnumzane. Ngoba, akusizona izingubo, akusiye umuntu. NguKristu, ongaphakathi, futhi sifanele sizithobe.

<sup>136</sup> Manje siyathola ukuthi, kungukuthi, leziziNgelosi zamboza izinyawo zaZo, noma lamaSerafi.

<sup>137</sup> UMose, ngenkathi eseBukhoneni bukaNkulunkulu, ukuthi, mbukeni ngaleyoNsika yoMlilo eyayisemuva kulesosihlahla esivuthayo, iNkosi yakhuluma kakhulu. Futhi noma ubani uyazi ukuthi iNsika yoMlilo kwakunguKristu, WayeyiNgelosi yesiVumelwano. “UMose walishiya iGibithe, ukuthukwa ngenxa kaKristu kuyingcebo enkulu kunaleyo yaseGibhithe.” Ngakho-ke, KwakuyiNgelosi yesiVumelwano. Futhi ngenkathi Ebonakala kulesosihlahla esivuthayo eceleni, ngani, phambi kukaMose, nePhimbo lathi, “Khumula izicathulo zakho.” Izinyawo zakho, niyabo. “Khumula izicathulo zakho, ngokuba umhlabathi omi kuwo ungwele.” UMose wazithoba, ngokukhumula izicathulo zakhe.

<sup>138</sup> LeyoNsika yoMlilo efanayo yabonakala kuPawulu esendleleni ebheke eDamaseku, ngolunye usuku.

<sup>139</sup> Niyakhumbula, uJesu, ngenkathi Wayesemhlabeni. . . Bathi, ngelinye ilanga bathi kwakukhona. . . KuJohane oNgcwele 6, babephuza emthonjeni, futhi bethokoza. Futhi Wathi, “Mina, NgiyilawoManzi aphuma kuleloDwala. NgiyiSinkwa sokuPhila esivela eZulwini,” niyabo, kanjalo.

<sup>140</sup> Abakukholwanga. Bathi, “Ngani, lapha! Siyazi Wena unodeveli, futhi Wena uyahlanya,” kusho *ukusangana*. “Ngoba, Awukakevi eminyakeni engamashumi amahlanu ubudala, futhi Uthi Ubone u-Abrahama na?”

Wathi, “Engakabikho u-Abrahama, NGIKHONA. Ya, NGIKHONA.”

<sup>141</sup> Manje siyakubona lokho, ukuthi uJesu wathi, “Ngivela kuNkulunkulu. Ngiya kuNkulunkulu.” Ngenkathi leNsika yoMlilo yayenziwe inyama, uNkulunkulu ephuma ebuBabeni, [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] . . . ebuDodaneni, futhi lapho Egena kulengxenyengehlukaniseki. Izingxenyenzezintathu ezingehlukaniseki; uBaba, iNdodana, noMoya oNgcwele. Ngenkathi uNkulunkulu ebonakaliswa enyameni, Wathi, “Ngivela kuNkulunkulu. Futhi Ngiya kuNkulunkulu,” futhi Wenyukela phezulu.

<sup>142</sup> Futhi—futhi uSawulu waseTarsu, esendleleni yakhe ezansi ebheke eDamaseku, washaywa ukuKhanya kwamlahla phansi. Futhi lapho ekwenzile, wabheka phezulu. Futhi lowomJuda wayengeke abize noma yini nge “Nkosi” ukube Kwakungesiyo leyoNsika yoMlilo. Wabona lokho kuKhanya lapho, futhi wathi, “Nkosi, UnguBani na?”

Wathi, “Sawulu, kul’khuni kuwe ukukhahlela ameva.”

Futhi wathi, “UnguBani, Nkosi na?”

Wathi, “NginguJesu.” Niyabo, iNsika yoMlilo futhi.

<sup>143</sup> Bukani uSawulu, wazithoba othulini, niyabo, eBukhoneni bukaNkulunkulu. Ukuzithoba! Washayeka ezinyaweni zakhe, walala ngomhlane mhlawumpe, ebuka phezulu.

<sup>144</sup> Futhi leyoNsika yoMlilo ihambahamba lapho, wabona futhi wazi. Njengothisha ophuma ngaphansi kukaGamaliyeli, uthisha omkhulu walolosuku, wayazi ukuthi uNkulunkulu wayehle abantu baKhe ngesimo seNsika yoMlilo. Futhi lowoMlilo, iNsika yoMlilo, yayenziwe inyama futhi yakha phakathi kwabo, futhi yayibethelwe ngenxa yezono zabo, “futhi Ngivela kuNkulunkulu; futhi ngibuyela kuNkulunkulu,” futhi nakhu la Wayekhona, namanje eseseGameni leNkosi uJesu.

<sup>145</sup> Futhi khona-ke siyathola-ke kulokho, kamuva ngaphambi nje kwalokho, uJohane uMbhaphathizi, omkhulu kunabo bonke abaprofethi bonke. Bonke abaprofethi bakhuluma ngokuza kwaKhe; uJohane wathi, “NguYe lo.” Yena, waMethula ezweni. Futhi uJohane emile lapho emanzini, ngenkathi wayebhaphathiza, futhi wa—wayethi, “Siyeza isikhathi lapho



umhlatsshelo wansuku zonke uzothathwa ethempelini, futhi kuzoba khona uMuntu ozoba umhlatsshelo.” Futhi uJohane wayeqinisekile ukuthi wayezombona uMesiya.

<sup>146</sup> Niyabo, ngenkathi uJohane ebizwa, uyise wayengumpristi. Kodwa ngokuvamisile umfana wayelandela, ngalezozinsuku, futhi bayakwenza eMpumalanga namanje, umsebenzi kayise. Futhi ngokweywayelekile wayeyoba ngumpristi. Kepha uJohane akazange aye esikoleni. Isizathu, uJohane wazalwa, kusukela esibelethweni sikanina, “wayegcwele uMoya oNgcwele.”

<sup>147</sup> Ngenkathi, u-Elizabethi wayekhulelwe nengane yayifile esibelethweni sakhe. Ngenkathi uMariya wayevakashelwe yiNgelosi, uGabriyeli, futhi wamtshela ukuthi umzala wakhe u-Elizabethi, owayesedlule ekuzaleni, naye wayezokhulelwa. Futhi uMariya wagijima wakhuphuka ukuhlangana naye. Futhi wayezifihlile, futhi wayekhathazekile ngoba ingane yayinganyakazanga izinyanga eziyisithupha, futhi lokho kungaphansi kokuvamileyo. Futhi ngakho-ke wabona uMariya eza, wagijima waphuma futhi wamhlangabeza, futhi wamgona. Futhi wathi, uqala ukukhuluma. Futhi—futhi wathi, “Ngiyazi ubezoba ngumama.” Wathi, “Yebo, futhi ngi—ngizoba ngumama, nami.”

“O, ngiqagele wena noJosefa senishadile.”

“Qhabo, qhabo. Asikashadi.”

“Futhi uzoba ngumama na?”

<sup>148</sup> “Ya. UMoya oNgcwele wangisibekela, futhi washo ukuthi iNto eNgcwele engizoyizala, kimi, izoba yiNdodana kaNkulunkulu, futhi ngizofanele ngibize iGama laYo ngo ‘Jesu.’”

<sup>149</sup> Futhi kwathi nje leloGama “Jesu” lingakhulunywa okokuqala ngokuphuma odebeni lomuntu, ingane eyayingakaze ibe nokuphila kuyo, kuze kube ngalesosikhathi, yemukela ukuphila esibelethweni sikanina futhi yaqala ukugxuma ngenjabulo. Futhi uma iGama lika “Jesu Kristu” liyoletha ukuphila enganeni efile, beLifanele lenzeni ebandleni elizelwe ngokusha elizisho ukuthi ligcwaliswe ngoMoya oNgcwele na? Niyabo?

<sup>150</sup> Manje hlobo luni lomfana lona afanele abe nguye na? Wayezomemezela ukuza kukaMesiya. UMalaki 3 wathi wayezokwenza. “Bhekani, Ngiyathuma isithunywa saMi phambi kobuso baMi.”

<sup>151</sup> Manje, ukuba wayehlele ezansi ekholiji, abanye balabo befundisi ezansi lapho, bathi, “Manje, Johane, ufanele umemezele uMesiya, ngani, u—uyazi lowo Malume uJoe lapha, noma—noma—noma uBaba uJim, noma abanye babo, uyazi unawo onke a—a—amakhwalithi okuba nguMesiya, lowo

nguye, Johane,” lokho—lokho...niyabo, wayekade ethonywe ngumuntu.

<sup>152</sup> Waya ehlane, futhi wahlala noNkulunkulu. Lelo yikhohliji eliwedlula onke engilaziyo. Ngoba, umsebenzi wakhe wawubaluleke kakhulu kwabanye abantu ukuba bamtshele, futhi bamkhiphele ezindabeni ezinkulu zenhlaliswano. Niyabo, wayeno—nomsebenzi, wayefanelwe into ethile. Futhi uJohane wayazi ukuthi ngenkathi ephuma, eshumayela, ukuthi uMesiya wayesemhlabeni ngaleyonkathi.

<sup>153</sup> Ngokuqinisekile nje impela njengoba izazi zazazi, ngenkathi zibuka phansi zivela eBabiloni futhi zibone lezozinkanyezi ezintathu emgqeni, leso kwakuyisibonakaliso sokuthi uMesiya wayesevele esesemhlabeni. Yingalesosizathu zazimemeza, “Uphi Lowo, ozelwe eyiNkosi yabaJuda na?” Futhi ibandla lalingenayo impendulo. Abanayo namhlanje. IBhayibheli yilona elinayo. IZwi likaNkulunkulu yilelo elinayo. Kunjalo.

<sup>154</sup> Siyathola, kukho konke, ukuthi uJohane wayefanele amemezele uMesiya. Futhi wayeno...Wayezokwazi lowoMesiya kuphela ngesibonakaliso. Wamazi kanjalo-ke uMesiya. Yileyondlela kuphela uNkulunkulu Azazisa ngayo; ngesibonakaliso sangokomBhalo. Futhi wabuka. Waphuma lapho, wathi... .

Bathi, “UnguMesiya na?”

<sup>155</sup> Wathi, “Qhabo. Angifanele ngisho ukuthinta izicathulo zaKhe.” Wathi, “Kodwa NguYe...Ukhona Omi phakathi kwenu.”

<sup>156</sup> O, he, ningacabangi ukuthi ngiyaxhuxhuma! Ngiyazi ukuthi ngikuphi. Qhabo, kodwa kuzwakala kahle nje lapho ngicabanga ngalokho, niyabo, “kukhona Omi phakathi kwenu.” Futhi ngiyakusho lokho kulobubusuku. Ukhona Omi phakathi kwenu, uMoya oNgcwele omkhulu wethenjiswa ukuthululelwa ngosuku lokugcina. Ngibona isibonakaliso saKhe njalo njalo, futhi ngiyazi UnguMesiya ngoba Usasenza isibonakaliso sikaMesiya.

<sup>157</sup> Nango Wayemi phakathi kwabo. Wathi, “Ukhona Omi phakathi kwenu. Angifanele ukuthinta izicathulo zaKhe, ukuthukulula izicathulo zaKhe. NguYe ozonibhaphathiza ngoMoya oNgcwele noMlilo.”

<sup>158</sup> Futhi ngeliny’ilanga, ehamba ephuma phakathi kwabo kufika iNdoda ejwayelekile, yaphuma. UJohane wabheka phezulu, futhi wathi, “Bheka, nanto iWundlu likaNkulunkulu elisusa isono sezwe.” Futhi lapho esekwenzile, wabona. Wathi, “NgiyaMazi ngoba kubekhona isibonakaliso esiMlandelayo.” Futhi bukani lapha, nanko amadoda amabili amakhulu kunawo onke emhlabeni, emile ebhekene ubuso nobuso. UJohane... .

159 Ngiyamkhumbula uDokotela Roy Davis, owangigcoba ebandleni iMissionary Baptisti, wathi, “Uyazi, kwenzakalani lapho, Billy,” wathi, “okwenzekile. . .”

160 Ngenkathi uJohane ethi, “Ngidinga ukubhaphathizwa nguWe, futhi uzelani Wena kimi na?” Bukani ukuzithoba kukaJohane. Wathi, “Ngi—ngidinga ukubhaphathizwa nguWe, kungani Wena uza kimi na?” Lapho kwakunguMesiya nomprofethi waKhe, umongo wosuku, umongo weBhayibheli, emi lapho, Omunye ebuka omunye. UJohane ngokuzithoba, wathi, “Ngidinga ukubhaphathizwa nguWe, kungani Wena uza kimi na?”

161 UJesu wathi, “Vuma kalokhu, ngoba kusifanele ukugcwalisa konke ukulunga.” Futhi, wathi, uJohane waMvumela.

162 Ngiyakhumbula uDokotela Davis. Kungahle ukuba uhlezi ukhona. UDokotela Davis, kungesikho ukuphosa lokhu kuwe, kodwa ngi—ngi—ngi. . .Wathi, “UJohane, kuqala uJesu wabhaphathiza uJohane, ngoba uJohane wayengakabhaphathizwa.” Futhi khona-ke wathi, “Khona-ke uJohane wabhaphathiza uJesu.” Lokho nje akufikanga kahle kimi.

163 Ngakho-ke ngeliny’ilinga ngenkathi uMoya oNgcwele wawuseduze, futhi embonweni, ngabona ukuthi kwakuyini.

164 Lapho kwakunguJohane noJesu, bemile bebhekene ubuso nobuso, umprofethi elifika kuye iZwi. Futhi iZwi lalifike kumprofethi. Amen. Futhi Wathi, “Vuma kalokhu. Kwakulungile. Vuma. Kodwa kusifanele ukugcwalisa ukulunga konke.” Umprofethi wayazi ukuthi lelo kwakuyiWundlu, futhi iWundlu lifanele lizegwe ngaphambi kokuba Lethulwe. Amen. Ngakho-ke wakwenza. Niyakubona lokho na? Umprofethi, eyiZwi, futhi Lalifike kuye.

165 [Udade ukhuluma ngolunye ulimi. Umfowethu unikeza incazo—Umhl.] Amen.

166 UJohane, umprofethi. IZwi liza kumprofethi waKhe. Futhi iZwi leza ngqo kumprofethi. “Kusifanele,” kuthi *kusifanele*, okuchaza ukuthi, “kusifanele ukugcwalisa ukulunga konke.”

167 O, ngingayishiya kanjani indikimba manje okomzuzu, kusifanele kanjani ukugcwalisa ukulunga konke! Ihora selifikile, okuthize, sifanele sigcwalise ukulunga konke. Siyakwazi esifanele sikwenze. Niyabo, sifanele sikwenze, kunjalo, sikholwe ngayo yonke inhliziyo yethu.

168 Qaphelani, khona-ke, sithola ukuthi uJohane wazithoba eBukhloneni bukaNkulunkulu.

169 Into yakho ingukuthi, abantu, mfowethu, dadewethu, nani bangani, kungukuba nokuzwa kobuncane bakho. Niyabo? Ungabi nokuzwa ukuthi umkhulu kangakanani. Yiba nokuzwa ukuthi umncane kangakanani. U—umncane. Sonke

singaleyondlela. UNkulunkulu angenza ngaphandle kwethu, kodwa thina angeke senze ngaphandle kwaKhe. Niyabo? Niyabo? Thina, angeke senze ngaphandle kwakhe, kodwa Angenza ngaphandle kwethu.

<sup>170</sup> UNkulunkulu uzama kuphela ukuthola umuntu oyedwa Angamthola ezandleni zaKhe. Ubehlala njalo ezama ukwenza lokho. Niyaqaphela, konke phansi kwedlule eBhayibhelini, lapho Ethole u-Isaya, lapho Ethole uJeremiya. Khona-ke Wathola—Wathola uSamsoni, ngeliny’ilanga; kodwa uSamsoni wanikela amandla akhe okuqina kuNkulunkulu, kodwa wanikela inhliziyo yakhe kuDelila. Niyabo, yena . . .

<sup>171</sup> Ufanele unikele ngakho konke kuNkulunkulu; ukuhlonipha kwakho ngokuzithoba, izinhlonipho zakho, yonke into oyiyo. Yiba ngongelutho nje, zibone nje ukuthi umncane kangakanani, futhi yilokho uNkulunkulu afuna sikwenze. Futhi lokho ngokuzithoba ngempela. Yileyondlela lamaSerafi ayiyo eBukhoni baKhe, niyabo, ngobuso baWo ekuhlonipheni ngokuzithoba, ukumbozwa; izinyawo zaWo, ngokuzithoba.

<sup>172</sup> Manje, okwesithathu, Ayengandiza. Ayenamaphiko amabili ayeWabeka emnyakazweni.

<sup>173</sup> UNkulunkulu ukhombisa umprofethi waKhe lapha ukuthi hlobo luni lwenceku Ayilungisile, ukuhlonipha ngokuzithoba, uzithoba, nasemnyakazweni. Lokho, niyabo, leyo inceku yangempela kaNkulunkulu, laba abamaMbukayo. Wayebuka uHezekiya owayezikhukhumezile, futhi wawa ngenxa yokuziqhenya. Kodwa inceku, izinceku zaKhe phakathi phambi kwaKhe, ihlonipha ngokuzithoba, izithobile, futhi isemnyakazweni. Izinceku zaKhe, yileyondlela ezifanele zigqoke ngayo; zigqoke ngokuhlonipha ngokuzithoba, ukuzithoba, futhi njalonnjalo mayelana nomsebenzi kaBaba. Yebo, mnumzane. Ukuhlonipha ngokuzithoba, ukuzithoba, emnyakazweni.

<sup>174</sup> Njengowesifazane nje omncane, esakhuluma ngaye ngobunye ubusuku, emthonjeni. Manje, wayeyimbewu emiselwe ngaphambili encane ilele enhliziyweni yakhe, kodwa, kwathi nje lokho kuKhanya kungabanika phezu kwalapho futhi wabona ukuthi kwakunguMesiya, akumthathanga isikhathi eside ukungena emnyakazweni. Wakhohlwa ngisho yimbiza ayeyiphethe esandleni sakhe. Washesha kangako-ke ukungena emnyakazweni. Wadingeka atshele abantu. Wayefanele atshele omunye umuntu, ngoba wayeqinisekile ukuthi wayethole uMesiya. Wangena emzini, futhi ngokushesha wangena emnyakazweni, etshela abantu.

<sup>175</sup> KwakunguPetru, ngenkathi wayedobe ubusuku bonke, futhi wayehleli osebeni ngalokho kusa. Ngenkathi uJesu eboleke isikebhe sakhe, ayesikhiphele ngaphandle kancane osebeni, futhi wayeshumayela kubantu. Futhi khona-ke Wathi kuSimoni,

“Phonsa ekujuleni, bese wehlisela phansi ukudonsa. Yehlisela phansi.”

<sup>176</sup> Awu, uSimoni wathi, “Ngingumdobi. Ngi—ngiyazi lapho inyanga namasayini kulungile. Ngiyazi lapho inhlanzi igijima khona. Nga—ngazalelwa kulelichibi lapha. Ngidobe ubusuku bonke futhi angibambanga ngisho umpingo. Angibambanga lutho.” Wathi, “Akukho nhlanzi phakathi lapho. Kodwa ngeZwi laKho,” nakho lapho okhona, “Ngizoyehlisela inetha.” O, unganahle. . .

<sup>177</sup> Angeke wazifanisa lezizinto, wena. Futhi uNkulunkulu usedlule ekufaniseni. Uzofanele uLikholwe, niyabo. UNkulunkulu akaziwa ngolwazi, hhayi ngemfundo. Waziwa ngokukholwa, futhi ngokukholwa kuphela.

<sup>178</sup> “NgeZwi laKho! Ngiyazi ayikho inhlanzi lapho. Kodwa iZwi laKho, uma Uthe, ‘yehlisela phansi, ikhona inhlanzi lapho,’ Uzo, ukukholwa kuzoyibeka lapho. Yilokho kuphela. Ngizoyehlisela phansi inetha.”

<sup>179</sup> Uma abantu abahlezi lapha, ogulayo no—nodinga usizo oluvela kuNkulunkulu, uma uthi, “Kade ngikuyo yonke imigqa yomkhuleko, ngi—ngenze yonke into, kodwa, ngeZwi laKho, ngizokwehlisela phansi inetha. Ngiyeza khona manje, futhi ngizokwemukela. Ngiyakholwa ngiseBukhloneni baKhe. Futhi ngi. . .” Futhi ukuqonde lokho, ngokuzithoba, nangobuqotho nokuhlonipha ngokuzithoba. Yehlisela phansi inetha. Ibambe. UNkulunkulu uye washo njalo, futhi lokho kukwenza kube njalo!

<sup>180</sup> Futhi siyathola, kwathi lapho nje yena, engumdobi futhi azi ukuthi kwakuyini uku—ukubamba izinhlanzi eziningi ezingagcwala umkhumbi, futhi wayeyindoda empofu, kodwa ngokushesha wangena emnyakazweni ngenkathi uJesu ethe “kusukela manje uzobamba abantu.” Akumthathanga isikhathi eside. Wazithoba, wawela phansi phambi kukaKristu, wathi, “Suka kimi, Nkosi; ngingumuntu oyisoni.” Wathi, “Angeke nje ngi—ngi—ngihlale eBukhloneni baKho.”

<sup>181</sup> Into efanayo u-Isaya ayenza. Wathi, “Ngingumuntu ozindebe zinesono, futhi ngihlala phakathi kwabantu abonayo.” O, isimo esinje pho ayekuso!

<sup>182</sup> UPetru washo into efanayo, futhi wazithoba, washona phansi ngobuso bakhe futhi wacela iNkosi ukuba isuke kuye. Wathi, “Ungesabi, Petru, kusukela manje uzobamba abantu.” Futhi wangena emnyakazweni ngokukhulu ukushesha.

<sup>183</sup> Ngesinye isikhathi, kwakukhona indoda eyimpuputhe eyaphiliswa nguJesu. Akuzange kuyithathe isikhathi eside ukungena emnyakazweni; yahamba yangena emnyakazweni, isabalalisa udumo lwaKhe yonke indawo. Omunye uyenyuka futhi wathi, “Ngani, ngubani okuphilisile na?”

umpristi owakwenza. Ya—yathi, yamtshela ukuthi Ngubani owayeyiphilisile.

<sup>184</sup> Kuqala babuza uyise nonina. Unina...Awu, manje, babesaba, ngoba uma—uma noma ngubani evuma uJesu, ngani, babezobakhipha esinagogeni. Futhi bakubuyisela emuva endodaneni yabo ezihluphekelayo. Bathi, “Usekhulile. Mbuzeni.”

Futhi wathi, “Munye, uJesu waseNazaretha, ungiphilisile.”

<sup>185</sup> Wathi, “Ngani, nikani uNkulunkulu udumo!” Bathi, “Thina, si. Asazi lutho ngaloJesu waseNazaretha.” Bathi, “Uyisoni. UngaMniki udumo; lunike uNkulunkulu lonke. Futhi manje asazi ukuthi Uvelaphi.”

<sup>186</sup> Awu, lendoda eyimpumputhe yayinombuzo omuhle kakhulu wabo. Futhi yathi, “Yinto eyisimanga kakhulu kakhulu. Ukuthi nina nonke ningabaholi bakamoya namuhla, futhi loMuntu uvule amehlo ami aphuphuthekile, futhi ngazalwa ngiyimpumputhe, kepha nokho anazi ukuthi Uvelaphi. Niyabo, manje lokho yinto eyisimanga.”

<sup>187</sup> Ngingasho into efanayo na? Yena kanye uNkulunkulu owethembisa ukuza phezu kwebandla laKhe, ngalolusuku lokugcina, futhi abanayo impendulo. Lowo owemukelayo unayo impendulo.

<sup>188</sup> Wathi, “Noma ngabe Uyisoni noma qhabo, angeke ngakusho lokho. Kodwa iyodwa into engiyaziyo; lapho engake ngaba yimpumputhe, manje sengiyabona.”

<sup>189</sup> Ngake ngaba yisoni; ngisindisiwe ngomusa kaNkulunkulu. Ngiyazi kukhona okwenzekile kimi. Ngi...kukhona okuthile okwenzekile. Ungakubiza ngo “mgingqiki ongwele” noma ungakubiza nganoma yini oyifisayo, kodwa Kungisindisile, iminyaka eyevile emashumini amathathu. Futhi kuya ngokuba ngcono ngasosonke isikhathi, ngakho-ke ngi—ngiyakujabulela.

Omunye wathi, “Usuvele uyahlanya.”

<sup>190</sup> Ngathi, “Awu, khona-ke awungiyeyeke. Ngingabangcono ngalendlela kunoma benginjalo ngenye indlela, ngakho-ke angihlale nje ngendlela engiyiyo. Ngizizwa ngingcono ngalendlela, futhi ngenza kangcono. Ngingenza okuningi.” Yebo, mnumzane.

<sup>191</sup> Waya emnyakazweni khona manjalo. Yebo, mnumzane, wasabalalisa udumo lwaKhe yonke indawo.

<sup>192</sup> Abantu ePhentekoste, kwathi nje bangabona ukuthi uNkulunkulu wazigcina izithembiso zaKhe! UJesu wathi, “Bheka, Ngithumela isithembiso,” umBhalo, “isithembiso sikaBaba waMi siphezu kwenu. Kodwa hlalani,” lokho ngukuthi *lindani*, “lindani phezulu emzini waseJerusalema nize nembathiswe aMandla avela Phezulu.”

193 Hhayi umugqa wokuqala womkhuleko, noma isikhathi sokuqala kwedlule, kodwa hlalani lapho nje kuze kwenzeke, niyabo. “Kuze,” hhayi usuku olulodwa, izinsuku ezimbili, noma iminyaka eyishumi, “nje kuze kwenzeke.” Hlala kuze!

194 Futhi lapho sebegcwaliswe ngoMoya oNgcwele, bangena emnyakazweni ngokukhulu ukushesha; baphumela ezitaladini, futhi bememeza, futhi besina, futhi beziphathisa okwabantu abadakiwe, futhi bekhuluma ngezinye izilimi, futhi ukuqhubeka okunje pho! Babesemnyakazweni ngokukhulu ukushesha; kwathi nje bangazithoba, bangena futhi bavala umnyango, futhi balinda eZwini likaNkulunkulu.

195 O, esikubonile, bangani! Ngiyazi sekuba leyithi futhi angifuni ukuba ngisalokhu nginicine isikhathi eside. Kodwa, bukani! Esikubonile, e—eminyakeni embalwa edlule, bekufanele kusifake sonke emnyakazweni. Bekufanele kusifake emnyakazweni. Ini na? Okokuqala, kuzenze sihloniphe ngokuzithoba, sizithobe, futhi emnyakazweni. Nokuvutha kothando ezinhliziyweni zethu, sizama okwethu okwedlula konke, ukubona izwe elilahlekile. Nokubona izibonakaliso ukuthi uNkulunkulu... Ngisho naphansi, ngokwazi kwami, kuze kube ngokokugcina lokho iBandla elizokwemukela ngaphambi kokuba umlilo wehle uvela ezulwini. INsika yoMlilo efanayo eyabonakala emuva lapho ehlane, Leyo efanayo eyashaya uPawulu oNgcwele yamhlala phansi, yileyo Efanayo ngisho okunesithombe saYo esathathwayo saYo, khona lapha yenza into efanayo eYayenza lapho, uMesiya ofanayo.

196 Uma ufaka ukuphila komvini wethanga emvinini wekhabe, uyothela amathanga. Uma ufaka ukuphila komvini wamagilebhesi e—e—esihlahleni samapheya, uzothela amagilebhesi, ngoba ngukuphila okukuwo.

197 Futhi uma lokhu esikubonayo nesikwaziyo, izinkulungwane emhlabeni jikelele ziYasazi, isayensi ifakazile ngaSo, yonke indawo, izithombe sithathiwe. Sikhona lapha manje. Lelo yiqiniso, iqiniso kakhulu. Sikhona lapha manje! Futhi uma Ingatheli uhlobo lwempilo olufanayo Eyalwenza ngenkathi Yayikumuntu, uKristu Jesu, uma Ingenzi into efanayo eBandleni laKhe, khona—ke iyiphutha. Kodwa uma Ithela impilo efanayo, izofanele ibe yiNsika yoMlilo efanayo eyahola u-Israyeli. Isiholela eZweni lesiThembiso. “Ekhaya likaBaba waMi kunezindlu eziningi,” isithembiso Asinikeza sona, futhi Isiholela lapho. Futhi njengoba siYibona iqinisekiswa ngokugcwele, iZwi likaNkulunkulu lenziwa labonakaliswa. Unyonga luyahamba, izithulu ziyezwa, izimpumpethe ziyabona, abafuleyo uyavuswa; imicabango yenhliziyo ayinakufihlwa, ibizelwa ngaphandle ngqo, yona kanye imisebenzi Ayenzayo. Kuyini, umuntu othile na? NguMesiya! NguMesiya, uNkulunkulu, uMoya oNgcwele, Ofanayo. Lowo obefanele ukubeka...

<sup>198</sup> Ibandla lePentecostal, esikhundleni sokuzama ukuWugxeka, belifanele libe semnyakazweni, yonke indawo, ngokuzithoba nothando, ukuzama ukuWukhombisa kwabalahlekile nabantu abafayo. Sifanele siwuhloniphe. Sifanele siMthande. Sizithobe, sizenze sihloniphe ngokuzithoba, futhi sibe semnyakazweni njengoba lamaSerafi lalinjalo, ngenhlonipho yokuzithoba nokuzithoba. Kuqinisekisiwe ngokucacile, kwethenjiswa kithi ngezinsuku zokugcina, futhi Nakhu! SiyaKubona. UJesu washo njalo, wathi Kuyokwenzeka. NaKhu, ngaphambi nje kokuthi kushiswe. Leso sibonakaliso sokuFika kwaKhe siyafakazisa ukuthi ukuFika sekuseduze manje. Ungafika noma ngasiphi isikhathi. Angiboni lutho olungavimba uHlwitho lweBandla khona manje.

<sup>199</sup> Awu, ukuphawula, uphawu lwesilo lungakolunye uhlangothi, khumbulani. Niyabo, ukuhlubuka, kuyangena-ke njengebandla. Manje lindani, mina, mhlawumbe kungahle ukuba ngisho okuthize. Leyo yindlela yami yokukubona, niyabo. Futhi bukani.

<sup>200</sup> Izwi ngezwi, selivele ligcwalisekile. Lifanele lisifake emnyakazweni. Kunjalo impela. Sifanele ngabe sithola wonke umphefumulo olahlekile, eMbusweni kaNkulunkulu, esingakwazi. Ngoba, ngolunye lwalezizinsuku uzobaletha futhi angeke kusize ngalutho. Umnyango uzovalwa, lapho akusayikubakhona. O, bangahle ukuba basetshenziwe ngokomqondo, futhi baxhuxhuma, futhi bamemeze, futhi bagxume phansi naphezulu, futhi bezisho *lokhu*, uyazi. Kodwa lapho intombi elele ifika ukuzothenga amaFutha, ayizange iWathole. Futhi sewake wasibona isikhathi, kuwo wonke umlando walezizinsuku zokugcina, ukuthi sake saba khona yini isikhathi lapho amaPresbyterian, amaLuthela, yonke enye into, izama ukuza eMlayezweni wephentekoste na? Wathini uJesu na? “Ngenkathi beza ukuzothenga, kwakuyisikhathi lapho uMlobokazi angena khona,” intombi ehlakaniphile yangena. Aziwatholanga amaFutha. AziWatholanga. Yilokho kuphela. Lokho kungokomBhalo.

<sup>201</sup> Futhi niyazibona lezizibonakaliso nalezi ezinye izinto, yonke into ihleli ngokuhleleka kahle ngokuFika kwaKhe.

<sup>202</sup> Umlindo wesikhombisa, Uyangena. Abanye balala ngomlindo wokuqala, wesibili, wesithathu, wesine, wesihlanu. Futhi ngomlindo wesikhombisa kufika ukumemeza, “Bheka, uMyeni uyeza!” Unyaka webandla lesikhombisa, lowo ngumlindo, unyaka owawubuka. Futhi lona nguNyaka weBandla laseLawodikeya, ekupheleni kwawo. Amen. O, kungukuthi... Kungani ningavuki, nina bangewele beNkosi, kungani nozela lapho ukuphela kusondela na?

<sup>203</sup> Kodwa, khumbulani, ibandla oNyakeni waseLawodikeya lizoba sivivi. Wathi “Ngoba uthi u ‘cebile,’ futhi—futhi



‘nginempahla eningi.’” Futhi wathi, “Awazi ukuthi uhambaze, uphuphuthekile, umpofu, ungolusizi, kanti kawazi.” Wathi, “Ngizokuhlansa uphume emlonyeni wami.”

<sup>204</sup> Futhi silapha ekupheleni kwezinto zonke, ukuphela komlando, ukuphela kwempucuko. Ningabona. Bukani phandle esitaladini.

<sup>205</sup> Ngangikhuluma nomshayeli wetekisi, wayengiletha ngaleya. Wathi, “Awu, indlela kuphela engingakutshela ngayo, uma ngibona indoda ngapha iziphathisa okosile, ngiyazi iyisihambi.” Niyabo? Manje, lowo ngomunye wabashayeli benu bamatekisi owasho lokho. Wathi bayo . . . indlela.

<sup>206</sup> Akusikho nje kuphela lapha, kodwa kukuyo yonke indawo. Ukuphela kwayo yonke into; anonya kanjani, amadoda, nalo lonke uhlobo lwezinto ezimbi, nalokho akwenzayo. Izwe liphendukezelwe. Bukani phandle ezitaladini. Libukeni nje, o, he, yonke indawo! Kungesikho eMelika kuphela; yonke indawo, ngani, yi—yiSodoma lesimodeni.

<sup>207</sup> Akukho lutho oluzosala, kodwa ukushiswa. Futhi, yilokho kuphela, kuzohlanswa. UNkulunkulu uzokwenza. Imithetho yaKhe iyakudinga. Kuzofanele kwenziwe ngaleyondlela. Uma uhlanga lombila seluphile impilo yalo yaphela, lufanele lubhujiswe. Uma imbali iphila impilo yayo yaphela izofanele ife. Futhi impucuko isiphile isikhathi sayo saphela. Unyaka webandla ukuphile kwaphela. Amahlelo esekuphilile kwaphela.

<sup>208</sup> Lesi yisikhathi sokuhlangana. Kukhona iNhlango yeZizwe, ibandla elihlangene, nomzamo ohlangene. Kuyisibonakaliso sani na? UKristu noMlobokazi waKhe bayahlangana. Yilokho okuyikho. Konke kungamathunzi nezifanekiso. Yonke into ifuna ukuhlanganiswa, ngakho-ke kuyisibonakaliso. UKristu ulungiselela ukuhlangana noMlobokazi waKhe, iSidlo sakuSihlwa esenzeka emkhathini, ngakho-ke kufanele kuphose ibandla emnyakazweni uma sibona izibonakaliso zaKhe lapha zisondela. O, he! Zonke lezizinto ziyizibonakaliso kithi, yonke indawo. O, sifanele sibe semnyakazweni!

<sup>209</sup> Thina, njengomprofethi wasendulo, u-Isaya, sibona ukuthi abantu abaziphakamisayo bafikaphi. Siyakubona lokho, lezi zinhlangano ezivukayo futhi zithi, “Awu, ngoba awusiyena owethu, awukho ngisho kuyo,” siyakubona okwenzeka kubo. Balahlekelwa yini na? Njengokuthi nje bashaywe ngesithuthwane sesono, ngokungakholwa, ba—balahlekelwa ukubamba kwabo eZwini likaNkulunkulu. Abanye balababantu bayazama, bayashintshanisa, balahlekelwa ukubamba kwabo eZwini, bese beKushintshiselana ngezivumokholo. Batholani na? Ingxovangxova yesithuthwane. Kunjalo.

<sup>210</sup> Njengo-Uziya wasendulo, ezama ukuthatha indawo yesikhundla esigcotshiwe, futhi engenalutho ngaphandle

kweziq u zobudokotela, noma okuthize. UNkulunkulu akafuni iziqu zobudokotela; Ufuna izinhliziy o ezithobekile, umuntu othize ozoMkholwa. Kodwa sithathe amadoda futhi sawafundisa ukuba ababhisobhi nakho konke okunye, okhadinali nani enye, sabafundisa ngokwanele ukubamba isikhundla sobuNkulunkulu ngemfundo yenkanuko. Sidinga umbhaphathizo kaMoya oNgewe, ukuthatha lesosikhundla. UMoya oNgewele unguMfundisi wethu. UyiLowo Ozena aziwe phakathi kwethu, isibonakaliso sehora, izinsuku zokugcina. Kodwa thina, njengoHezekiya, waziphakamisa, bacabanga ukuthi nje bangavele bathathe izindawo zabo.

<sup>211</sup> Bukani ukuthi imiphumela yombono yenzani kumprofethi. Manje, wayengumprofethi. Wayeyisitsha seZwi leNkosi ukuza kuso. Wayengokhethiweyo, ozelwe engumprofethi. Ekugcineni wanikela ngempilo yakhe, wasahwa waba yizicucu ngesaha. Kodwa siyathola ukuthi lomprofethi omkhulu, ngenkathi ebona lombono ovela eZulwini, futhi wabona inqubo, ukuthi uNkulunkulu wayebalungiselela kanjani abantu baKhe, ngani, kwabangela umprofethi ukuba avume ukuthi wayeyisoni.

<sup>212</sup> Futhi sifuna ukuba bakhulu kakhulu, futhi sigqoke uhlobo oluthile olukhulu lokhololo obhekiswe emuva, uhlobo oluthile lwezingubo zokugqoka, niyazi, lokho kusenza sibukeke singcwele kakhulu futhi sinenhlonipho yokuzithoba. Abukho ubungcwele kithi. Angeke saba ngcwele; ubungcwele ngobukaNkulunkulu. Niyabo? Impela. Akusilo ibandla elingcwele, akusiyo intaba engcwele; nguNkulunkulu ongcwele. Kunjalo. Hhayi abantu abangcwele; uNkulunkulu ongcwele! NguNkulunkulu kubantu. UPetru wabhekisela eNtabeni yokuGuqulwa isimo, “Intaba engcwele,” kwakusho ukuthi uNkulunkulu ongcwele wayesentabeni. Kubukeni manje, niyabo. Kodwa kwakunguNkulunkulu ongcwele lapho, uBukhona bukaNkulunkulu, okwakwenza kwabangcwele.

<sup>213</sup> NguBukhona bukaNkulunkulu phakathi kwethu manje obuletha ubungcwele, hhayi ubungcwele bami, hhayi obakho, kodwa ubungcwele baKhe. UBukhona baKhe yibo obuletha ubungcwele. Sifanele sizithobe, sizimboze ngenhlonipho yokuzithoba, ukuzithoba, futhi sithi, “Nkosi Jesu, ngemukele eMbusweni waKho.” Ubungcwele baKhe, hhayi obethu. UMoya oNgewe!

<sup>214</sup> Umprofethi wavuma, kwabangela ukuthi athi, “Ngingumuntu ozindebe zingcolile.” Umprofethi! Nkulunkulu, sidinga omunye umbono kanjalo! Lapho ebone phezulu lapho, i . . . wabona laMandla kaNkulunkulu ahlanzayo.

<sup>215</sup> Manje bukani ukuthi uNkulunkulu wakwenza kanjani. Wathumela elinye lamaSerafi futhi lathatha udlawu, lathatha ilahle elishisayo e-altare futhi lalibeka ezandleni zaKhe, leza

laqethulisa ikhanda lika-Isaya futhi lathinta izindebe zakhe, lathi, “Ububi bakho sebhambile.”

<sup>216</sup> Khona-ke u-Isaya wafunda esinye isifundo. Ngingahle ngiqathaze lokhu phakathi. Kungahle kungabi ngokufanelekile ngipela, kodwa ngikholwa ukuthi kunjalo. Niqaphelile, uNkulunkulu ehlanza abaprofethi baKhe ngoMlilo, hhayi ngesayensi yezenkolo noma ngencwadi yohlobo oluthile. Niyabo? Uhlanza abantu baKhe ngoMlilo, uMoya oNgcwele noMlilo; hhayi ngokumemezela kwezivumokholo, noma izincwadi noma okuthize ozofanele ukufunde, isixuku semikhuleko, okunye nokunye. Ubahlanza ngoMlilo osuka e-altare. Yileiyondlela Amhlela ngayo. Ya. Yebo, mnumzana. Wabahlanza kanjalo-ke abaprofethi baKhe ekuqaleni, ngenkathi abayikhulu namashumi amabili wayesegumbini eliphezulu, uMoya oNgcwele wehla, nezilimi zoMlilo zahlala phezu kwabo. Babehlanziwe futhi sebelungele inkonzo. Yileiyondlela uNkulunkulu ahlanza ngayo. Hhayi ngokufunda, thola iZiqu zoBuciko, noma iDD., iPh.D.; kodwa ukuthola uMlilo oNgcwele ovela eZulwini, osusa ukuqamba amanga ezindebeni zakho, futhi okhipha ukukhanuka kuwe, ushise leyonto isuke, lawo manyela e—ezwe, futhi ufaka uBukhona baKhe phakathi lapho futhi kuphile ngalowomuntu. Umlilo oNgcwele yilokho uNkulunkulu ahlanza iBandla laKhe ngawo. U-Isaya wakufunda lokho. Sifanele sikufunde, ukuthi uNkulunkulu akahlanzi ngolwazi. Uhlanza ngoMlilo.

<sup>217</sup> Uyabona ukuthi ukanjani, umprofethi uyakuhlela. Manje Uhlanza izindebe zakhe, ususa ububi bakhe. Khona-ke emva kokuba wayese, wavuma, wazithoba, wathi, “Ngingumuntu ozindebe zingcolile,” lapho ebone uBukhona bukaNkulunkulu.

<sup>218</sup> Niyangilandela na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Yini thina, yini esiyaziyo khona manje na? SiseBukhoneni bukaNkulunkulu. Kunjalo. Sihlezi khona manje. Ngabe ni... Asikwazi ukukuqonda, kodwa manje siseBukhoneni bukaNkulunkulu, sibona uNkulunkulu. Niyakholwa ukuthi Ulapha na? [“Amen.”] Impela, Ulapha. Thina... [Akuqoshwanga eteyipini.]

<sup>219</sup> Ngingumfowenu. Kodwa Wathi, “Imisebenzi eNgiyenzayo, naWe uya... kuyenza nawe.” Ngabe yilokho Akusho na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Kulungile. Uma Elapha, uMoya waKhe ulapha. Yilokho okuMenzayo. Khona-ke uma singazinikela futhi sisuse imicabango okungeyethu uqobo. Njengalokhu akunamicabango, khona-ke elinye iphimbo lingakhuluma ngakho. Kungaleyondlela. Uma singazithulula qobo lwethu. Nanso imfihlo, zisuse wena uqobo! Khona-ke uNkulunkulu uthola... Susa ukucabanga kwakho uqobo. Susa izindlela zakho uqobo, bese-ke uvumela uNkulunkulu anyakaze. Uma EnguJesu Kristu, onguye izolo, namuhla naphakade,

uyakukholwa na? ["Amen."] UyaMkholwa khona manje futhi ubone uma kunjalo.

<sup>220</sup> Kade ngibuka lomfo omncane ohlezi lapha, khona lapha phambi kwami. Awunalo ikhadi lomkhuleko. Wena, uma uNkulunkulu ezongitshela ukuthi yini oyihlalele lapho, uyakukholwa na? Kuyinkathazo yokomoya, nonke nisongekile futhi anazi ukuthi nenzeni. Uma kunjalo, phakamisa isandla sakho. Kulungile, sekuphelile. Thatha iZwi, lokho engikushilo, futhi sekuphelile.

Niyakukholwa lokho na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.]

<sup>221</sup> Lelo nenekazi lekhaladi lihlezi emuva lapho, libuka ngapha kuye; linenkathazo yenhliziyu. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokusindisa na? Impela. Uyakholwa na? [Udade uthi, "Amen."—Umhl.] Kulungile, ungaba nakho ukuphulukiswa kwakho.

Uyakholwa ukuthi Nguena izolo futhi . . .

<sup>222</sup> Leyo ndoda, leyo ndoda emhlophe nesandla sayo esiphakeme, uyangikholwa ukuthi ngingumprofethi kaNkulunkulu, inceku yaKhe na? Angikwazi. Uyisihambi kimi. Unalo ikhadi lomkhuleko noma yini na? Uyindoda nje ehlezi lapha. Kulungile, mnumzane, unethumba emphinjeni wakho. Kunjalo. Ngabe kunjalo na? Uyangikholwa ukuthi ngingumprofethi waKhe na? Uyangikholwa ngayo yonke inhliziyu yakho na? Unokunye, unomunye umthwalo enhliziyweni yakho. Umayelana nentombazanyana, umzukulu wakho. Unesandla esibi. Kunjalo. Ngabe lelo yiqiniso na? Nakho ukuxhumana okuhle. Umzuzu nje. Awusiye owalapha. Uvela eConnecticut. Futhi igama lakho nguWilson. Igama lakho ngu-Art. U-Art Wilson. Kunjalo impela. Ngabe lelo yiqiniso na?

Niyakukholwa na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Kunjalo!

<sup>223</sup> Kunenekazi elihlezi emuva khona lapha, inenekazi lekhaladi, kubukeka sengathi lifake ijazi elithi alibephuzi, ya, eliphakathi kokuba luhlaza-tshani noma eliphuzi. Liyakhuleka. Unalo ikhadi lomkhuleko na? [Udade uthi, "Angilidingi!"—Umhl.] Awunalo ikhadi lomkhuleko na? Awunalo. Uyangikholwa ukuthi ngiyinceku yaKhe na? Ngiyisihambi ngokuphelele. Siyizinhlanga ezimbili zabantu. Wena, kodwa uyakhuleka. Nguwe lowo. Yebo. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angangitshela inkathazo yakho na? Unethumba. Kunjalo. Unento ethize enhliziyweni yakho, futhi. Uyakhuleka. Ngumngani, yena unenkathazo yenso. Uma kunjalo, phakamisa isandla sakho. Kulungile. Manje ungabanaso isicelo sakho.

<sup>224</sup> Ngikuphosela inselele ukukholwa kwakho! Kuyini na? Lapho umprofethi esebone ukuthi wayeseBukhoneni bukaNkulunkulu, wazithoba. Bukani, into yokuqala wazithoba, khona-ke uMlilo wamhlanza. Futhi emva kokuba uMlilo usumhlanzile, khona-ke kwase kungu-Isaya ohlanziwe. Lapho

esezwe iPhimbo likaNkulunkulu, wathi, “Ubani ozoNgiyela na?” wangena emnyakazweni, “Nangu mina, ngithume mina.”  
O, he!

Lapho ilahle loMlilo selithinte umprofethi,  
Limenza mhlophe qwa,  
Lapho iphimbo likaNkulunkulu lithi,  
“Ngubani ozosiyela na?”  
Khona-ke waphendula, “Nkosi, nangu mina,  
ngithume mina.”

<sup>225</sup> Amen. Lokho kwakungukubiza kuka-Isaya ohlanzekile, emva kokuba uMoya oNgcwele usumhlanzile. Wayengadingi noma yisiphi isipiliyoni sasekholiji, akazange adinge izipiliyoni zencwadi. Wayehlaziwe ngoMlilo kaNkulunkulu, futhi wabizelwa emnyakazweni. Kwakuyini na? Ngenkathi ebone uNkulunkulu esemnyakazweni, wangena emnyakazweni.

<sup>226</sup> Sibona uNkulunkulu esemnyakazweni. Yisikhathi sokuba ibandla lingene emnyakazweni futhi libe yizibonelo zalokho uNkulunkulu ayikho. Niyakukholwa lokho na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Bangaki abafuna ukuvuma onke amaphutha enu nayo yonke into manje, futhi nithi, “Nkulunkulu, ngihlanze?”

Philisa insizwa.

Lapho ilahle loMlilo selithinte umprofethi!

<sup>227</sup> Asime ngezinyawo zethu. Ngizoma khona lapha, sekuba leyithi. Kholwani ngayo yonke inhliziyo yenu manje.

<sup>228</sup> Ngifuna nikhothamise amakhanda enu. Khumbulani, emva kokubona esebone uNkulunkulu! NaKho futhi. Amen. Manje noma yini ingenzeka. Noma yini ingenzeka.

Lapho ilahle loMlilo selithinte umprofethi,  
Limenza mhlophe qwa,  
Lapho iPhimbo likaNkulunkulu lithi,  
“Ngubani ozosiyela na?”  
Khona waphendula, “Nangu mina, ngithume  
mina.”

Khuluma, Nkosi yami, (phakamisani izandla  
zenu manje) o, khuluma, Nkosi yami,  
Khuluma, futhi ngizoKuphendula  
ngokushesha;  
Khuluma, Nkosi yami, khuluma, Nkosi yami,  
Khuluma, futhi ngizophendula, “Nkosi,  
ngithume mina.”

O, izigidi manje zifela esonweni nasehlazweni,  
(bukani ezitaladini zenu)  
O, lalalani ukukhala kwabo okudabukileyo  
nobumunyu;

O, sheshani, bazalwane, sheshani nibophule;  
Ngokushesha phendula, “Nkosi, nangu mina.”

Khuluma, Nkosi yami, (kusho ngempela  
manje) khuluma, he! Nkosi,  
Khuluma, futhi ngizoKuphendula  
ngokushesha;  
Khuluma, Nkosi yami, khuluma, Nkosi yami,  
Khuluma, futhi ngizophendula, “Nkosi,  
ngithume mina.”

<sup>229</sup> Asibeke izandla zethu phezu kwenhliziyu yethu, sisahamisha. Yenzani ukuvuma kwenu, nithi, “Nkosi, ngingowesilisa ozindebe zingcolile. Ngingowesifazane ozindebe zingcolile.” Asibe nokuvuma kwangempela, sizoba nemvuselelo yangempela. Kuqala hlanzwa. Bhekani, umprofethi kwadingeka ahlanzwe kuqala. Umlilo wamthinta, khona-ke wayesemnyakazweni. “Nkosi, nginike intshisekelo enhliziyweni yami. Beka okuthize kimi engingenakho, Nkosi. Beka uthando lwakho noMlilo kimi, bese-ke uyangithuma.” Manje yenzani ukuvuma kwenu, kholwani nguNkulunkulu ngayo yonke inhliziyu yenu.

Khuluma, Nkosi yami, khuluma, Nkosi yami,  
O, khuluma, futhi ngizoKuphendula  
ngokushesha;  
Khuluma, Nkosi yami, khuluma, Nkosi yami,  
Khuluma, futhi ngizophendula, “Nkosi,  
ngithume mina.”

[UMfowethu Branham uqala ukuhamisha—Umhl.]  
Limenza mhlophe qwa,  
Lapho iPhimbo likaNkulunkulu lithi,  
“Ngubani ozosiyela na?”  
Khona waphendula, “Nkosi, lapha, ngithume  
mina.”

<sup>230</sup> “Khuluma.” Manje uNkulunkulu makakhulume enhliziyweni yakho manje; ngokuzithoba ngempela, ngobumnandi, ngenhlonipho yokuzithoba eBukhloneni baKhe. Sonke isoni, wonke ongcwele, lokhu ngokwethu sonke. Ngokwami. Okwabo bonke. Nabu uBukhona baKhe, Ulapha lokho Akushilo ukuthi Uyokwenza. Isibonakaliso Athi siyosithola, naNgu. Ngenkathi umculo usadlala kamnandi, asivume iphutha lethu. “Angilutho, empeleni, Nkosi. Khuluma enhliziyweni yami. Ngihlanze kuqala, Nkosi. Thumela uMoya oNgcwele futhi ngihlanze. Ngiyazi ngiseBukhloneni baKho. NgiyaKubona njengoba u-Isaya aKubona, unyakaza. Indawo igcwele i, hhayi umusi manje, igcwele ukuKhanya, igcwele iNkazimulo.”

<sup>231</sup> O Nkosi Nkulunkulu, Mdali wamazulu nomhlaba, njengoba lokhu kusengqondweni yethu, siyakubona okwenzakalayo

kubantu abaphakeme kakhulu. Bonke babeyizibonelo kithi. Siyabona ukuthi ukuzithoba nomkhuleko, kwabasindisiwe, kuchazani.

<sup>232</sup> Ngiyakhuleka, Baba waseZulwini, manje nje ngalezizethameli nangami uqobo. Nkosi, susa kimi noma yini engafani naWe. Ngi—ngi—ngi—ngifuna Wena uphile kiMi, Nkosi. Ngifuna uMoya waKho no—nokudlula konke. Ngifuna Wena uphile ngokuphelele kakhulu kimi, ukuthi angiseyemi nhlobo, ukuthi ngi—ngiyahamba nje futhi ngikhulume futhi ngihlale kuWe. Siphe khona, Nkosi. Nangu mina. Ngihlanze mina, Nkosi. Hlanza lelibandla. Sihlanze sonke, ndawonye. Thatha ukugula, thatha isono, thatha ukungakholwa, thatha ukungabaza, kukhiphe konke. Vumela uMoya oNgcwele uze manje nelahle loMlilo elivela e-Altare, inhlansi entsha yephentekoste, futhi uhlanze yonke inhliziyi lapha. Sithathe, Nkosi. SingabaKho. SiyaKukholwa. Siphe khona, Baba.

Khuluma, Nkosi yami,  
Khuluma, futhi ngizophendula, “Nkosi,  
ngithume mina.”

<sup>233</sup> Bonke ofunayo, nothandayo, futhi nabahlukanisele izimpilo zabo kuKristu, kabusha, khona manje, futhi ufuna ukuzihlukanisela qobo lwakho eBukhoneni baKhe!

<sup>234</sup> Uma bengiyoqala ukubiza engikubonile, bengiyo... bekuyongenisa wonke umuntu lapha, ngiyakholwa, khona manje. Ngiyanazi. Niyazi bengineke ngime lapha futhi ngisho lokho njengenceku kaKristu ngaphandle kokuthi Kusendaweni yonke. Nisesimweni khona manje ukuqala iphentekoste elisha. Impela kuyiqiniso, bangani.

<sup>235</sup> Zithobeni nje. Mbozani ubuso benu, mbozani izinyawo zenu, sondelani kuYe nje. Khothamelani phansi futhi nenze ukuvuma kwenu, futhi nikholwe. Niyafuna ukwenza lokho na? Uma nifuna, phakamisani izandla zenu, sisacula “*Khuluma Nkosi Yami.*”

Khuluma, Nkosi yami, (khulekani manje)  
khuluma, Nkosi yami,  
Khuluma, futhi ngizoKuphendula  
ngokushesha;  
O, khuluma, Nkosi yami, khuluma, Nkosi  
yami.



*UKUTHONYA* ZUL63-1114  
(Influence)

LomMlayezo ngo Mfowethu William Marrion Branham, okokuqala wethulwa ngesiNgisi ngoLwesine kusihlwa, ngo Novemba 14, 1963, eMarc Ballroom eNew York, eNew York, U.S.A., uthathelwe ekuqopheni kweteyipu enozibuthe futhi washicilelwa ungafinqiwe ngesiNgisi. Lokhu ukuhunyushwa ngesiZulu kwashicilelwa futhi kwakhishwa yiVoice Of God Recordings.

ZULU

©2021 VGR, ALL RIGHTS RESERVED

VOICE OF GOD RECORDINGS, SOUTH AFRICA OFFICE  
58 DISA ROAD, ADMIRAL'S PARK, GORDON'S BAY 7140 WESTERN CAPE  
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

VOICE OF GOD RECORDINGS  
P.O. BOX 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.  
[www.branham.org](http://www.branham.org)



## Inothisi yelungelo langokomthetho

Onke amalungelo agodliwe. Lencwadi ingaprintwa kwiprinta yasekhaya yenzelwe okuqondene nomuntu noma inikezelwe, ngesihle, njengethuluzi ukusabalalisa iVangeli likaJesu Kristu. Lencwadi ingethengiswe, iphinde ikhiqizwe zibe ningi, iposwe kwiwebsayiti, igcinwe ngohlelo lokuthi iphinde itholakale, ihunyushelwe kwezinye izilwimi, noma isetshenziselwe ukuzicelela izimali ngaphandle kwemvume ebhaliwe eshiwoyo ye Voice Of God Recordings®.

Ngolwazi olwengeziwe noma olwenye impahla ekhona, siza uxhumane ne:

VOICE OF GOD RECORDINGS  
P.O. Box 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.  
[www.branham.org](http://www.branham.org)